

**IBHAYBHELI  
NGESIZULU**

ITHESTAMENTE ELIDALA

**UGenesis**

## Izihloko encwadini uGenesisi

## endulo

Indalo nendabuko	Gen 1
Umuntu ngumuntu ngabantu	Gen 2
Vulekiyane amehlo!	Gen 3
Kwachitheka igazi	Gen 4
Uzamcolo nejuba likaNowa	Gen 6 - 8
Uthingo lwenkosazana	Gen 9
Kwaxabana ubendle eBhabhela	Gen 11

## okhokho bakalzrayeli

Lwasuk' uhambo	Gen 12 -13
NoAbhram wagcina efundile ukukholwa	Gen 15.16.18
Wasinda uLothi kubhubha iSodoma	Gen 19
Usevivinywa futhi Abraham	Gen 21 - 22
Isifiso nesifungo sikaAbraham; Ukucelwa nokulotsholwa kukaRibheka; Wakhishwa wayogana uRibheka	Gen 24
OEsawu noJakobe	Gen 25, 19 -34
UJakobe ukhwabanisa isibusiso	Gen 27
Washay' utshani uJakobe	Gen 28, 10 -22
Qhude manikiniki!	Gen 29
UJakobe ushikashikana noNkulunkulu izibhodongo	Gen 32

## uJosefa nabanewabo

Amaphupho kaJosefa	Gen 37, 3-11
Bamthengisela eGibhithe uJosefa abanewabo	Gen 37, 12-35
Umfelokazi ulwela ilungelo lakhe	Gen 38
Useboshelwani ke manje uJosefa ?	Gen 39
UJosefa ejele	Gen 40
Amaphupho kaFaro: inala nendlala	Gen 41, 1-36
UJosefa isiphathi-mandla nekhono lakhe	Gen 41, 37-57
Unyawo alunampumulo	Gen 42
Wagicina ezivezile uJosefa kubanewabo	Gen 45
UJakobe nomndeni wonke bathuthela eGibhithe	Gen 46
UJakobe nesiphetho sakhe	Gen 47
Unya nobubi wabuguqula uSmakade, waveza ubuhle nenhlanhla	Gen 50

## Isithasiselo

Iviyo lezikhuthali „biblia 2000“

# UGenesis

## Isahluko sokuqala

1

### Indalo nendabuko

- 1 Endulo uNkulunkulu<sup>1</sup> wadala izulu, wadala nomhlaba<sup>2</sup>.
- 2 Umhlaba lo wawuselugwadule nje, ulihlane; kumnyama kwesabeka. Umhlabathi wawujulé echibini elibanzikazi. Izikhukhula nezikhwishikazane zazihlasele yonke indawo.
- 3 Usethi ke uMvelingqangi: „Akukhanye!“  
Khanyiyane!
- 4 Wakuthokozela lokho.  
Usehlukanisa ke ukukhanya nokuhlwa;
- 5 esekubiza ngokuthi ùbusuku nemini.  
Kwahlwa, kwasa: ùsuku lokuqala.
- 6 Usethi ke futhi uMdali:  
„Akuvele uphahla luwadabule kabili la manzikazi!“<sup>3</sup>
- 7 Walwakha ke uphahla, wehlukana ngalo amanzi angaphansi nangaphezulu.
- 8 Uselubiza ngokuthi ke **yisibhakabhaka** uphahla lolo.  
Kwahlwa, kwasa: ùsuku lwesibili.
- 9 Wayesethi ke manje uMdali: „Awaqoqane ndawonye onke lamanzi angaphansi kwesibhakabhaka ukuze kubonakale umhlabathi owomileyo.“

---

<sup>1</sup> *Inhlonipho iyakwenqabela ukuthi igama loPhezukonke liphathaphathwe nje. Kusetshenziswa amagama ehlukeni, achaza ubukhosi nobukhulu nezenzo zakhe: uMdali, uMvelingqangi, uSomandla, iNkosi, uSmakade ...*

<sup>2</sup> *Gen 1,1: Ngamazwi athi „izulu nomhlaba“ kushiwo indalo jikelele. Ivesi lokuqala liyisihloko saló mzekeliso ngokudalwa nangendalo*

<sup>3</sup> *Gen 1,6: Kwakucatshangwa ukuthi umkhathi ufana nembulunga eklaywé phakathi, yagubundeliswa ukuze izidabule phakathi izikhukhulakazi lezo okuthiwa zazikhona, kube namanzi aphantsi namanye aphezulu ahlale evuza ngophahla, ehlele phansi.*

Kwaba njalo ke.

**10** Usewubiza ke ngokuthi yizwe umhlabathi owomileyo; amanzikazi lana ke wona lulwandle. Wakuthola kukuhle lokho uNkulunkulu.

**11** Wayesephinda elawula uMvelingqangi, ethi: “Alibe ncwaba, libe luhlaza cwe izwe; kuhlume kumile nhlobo-yonke yezitshalo nemithi. Zikhahlele, ziqhakaze, zihlanze, zithele, zethule imbewu!” Kwenzeka kanjalo.

**12** Umhlaba waveza yonke inhlobo yesitshalo – kuze kuyoshaya kwezinkulukazi izihlahla nembewu yazo nesithelo. Wakubuka lokho uNkulunkulu; wakuthola kukuhle.

**13** Kwahlwa, kwasa: [usuku lwesithathu](#).

**14** Usethi ke manje uMdali: „Esibhakabhakeni akuvele izibani okwahlukaniseka ngazo imini nobusuku; ezibonisa ukuhamba kwezinsuku neminyaka nezikhathi zonkana,

**15** zikhanye esibhakabhakeni; zikhanyise umhlaba.“  
Kwaba njalo.

**16** Wazenza ke uMvelingqangi izibani<sup>4</sup> zambili: esikhulu wasabela imini, esincane ukuhlwa. Wethayisela ngezinkanyezi.

**17** Wase eziphanyeka esicongweni sophahla ukuze zikhanyisele umhlaba

**18** imini nobusuku, zehlukanise ukuhlwa nokusa.  
Wabona ukuthi kuhle lokho uMvelingqangi.

**19** Kwahlwa, kwasa: [usuku lwesine](#).

**20** Usethi ke futhi uMdali: „Akuvele impilo noswebezane lwezilwane nezilwanyana emanzini onkana; kuvele izinyoni, zindize emkhathini.“

**21** Wayesedala ke izinkanyamba nemikhombe nezilokazana zamanzi nezinyoni ngothi lwazo. Wathi uma ekubheka konke lokho, wakuthokozela.

**22** Wakubusisa konke ayesekudalile, wathi kwezasemanzini nasezinyonini azande, zigcwalise izilwandle nomhlaba wonke.

**23** Kwahlwa, kwasa: [usuku lwesihlanu](#).

**24** Usethi ke manje uMdali: „Umhlaba awuveze izilwane, ugcwale impilo: imfuyo, izinyamazane nezinambuzane.“  
Kwaba njalo.

**25** Wazenza ke izilwane, izinhlobo ngezinhlobo: imfuyo nezinambuzane ngothi lwazo. Wakubona kukuhle konke lokho.

---

<sup>4</sup> *Gen 1,16: Esikhundleni sokuthi kuthiwe „ilanga“ / „inyanga“ kuthiwa „izibani“.* Lokho kwenzelwa ukucacisa ukuthi ilanga nenyanga nezinkanyezi yizinto ezivela kuMdali; akufani nasenkolweni yezinye izizwe lapho ilanga nenyanga kukhothanyelwa, kukhonzwa khona.

**26** Wayesethi ke uMdali: „Manje ke sesidala umuntu - isidalwa esizofuza thina. Uzolawula abuse phezu kwakho konke okuphila ekujuleni kwamanzi nasemkhathini nasezweni.“

**27** Wamdala ke uMvelingqangi umuntu - wamakha wafuza yena: isilisa nesifazane.

**28** Walubusisa **untu**, wathi: „Zalanani, nande, nenabe nezwe lonke, nilibuse!<sup>5</sup> Lawulani ngokuthanda phezu kwakho konke okuphila emanzini, emkhathini nasezweni!“

**29** Wenezezela wathi: „Okokudla ke ngininika zonke izitshalo nembewu yazo nezithelo emhlabeni wonke.

**30** Izilwane ke zona nezinyoni, izinambuzane nakho konke okunye okuphila emhlabeni ngikunika utshani namaqabunga.“

**31** Usekubheka konke ke uMvelingqangi asekwenzile; wakuthokozela. Kwahlwa, kwasa: [usuku lwesithupha](#).

## Isahluko sesibili

## 2

**1** Lavela kanjalo ke izulu nomhlaba nakho konke okuphilayo.

**2** Wayesewufezile uMdali umsebenzi wakhe osukwini lwesikhombisa; waphumula.

**3** Wayeselubusisa ke, elungcwelisa, uMvelingqangi usuku lwesikhombisa ngoba kulusuku aphumula ngalo kulo msebenzikazi abekade ewenza, edala.

**4** Nanko ke umlando wokudalwa kwezulu nomhlaba - kudalwa nguSmakade.

---

<sup>5</sup>Gen 1,28: „ ... nilibuse!“ *Baningi abaphaphalazayo, batuse ubudlova, bavumelane nendluzula nobuqola, bethi bathathela kuleli vesi, abalihumusha bathi „ ... niwungobe (umhlaba) ... “. Ngokwenqubo ngokwesiHebheru ngesikhathi sokulotshwa kwalé ngxoxo ngokokuqala amanxiwa namadlelo namasimu nemfuyo kwakunakekelwa ngeso lomalusi; ababusi babebizwa ngokuthi bangabelusi. Ukubusa kudinga iso nekhono nenzondelelo; akufani nokunqoba.*

## Umuntu ngumuntu ngabantu<sup>6</sup>

**5** Kwakungakamili lutho lapha phandle; kungekho ngisho natshani nasihlahlanyana. Ingani phela uSmakade wayengakayinisi imvula. Kwakungakabikho namuntu owayengalima, ahlakule.

**6** Yinkungu nje kuphela eyayithwele umsokama, iqhamuka phansi emhlabathini.

**7** USmakade iNkosi wayesethatha uthuli, esebumba ngalo umuntu<sup>7</sup>, emphefumulela ekhaleni ngomoya wokuphila<sup>8</sup>. Philiyane!

**8** Usehlela ke, akha, elungisa ingadi uSmakade uNkulunkulu ngasempumalanga kwelase-Ideni; wabeka khona ke lo muntu ambumbileyo.

**9** UNkulunkulu uSmakade useveza emhlabathini yonke inhlobo yezihlahla - ezinhle futhi ezithelayo. Phakathi nengadi usebeka ezimbili, ezithelayo: kulesi yizithelo zempilo, kulesiya ngezokwazi okubi nokuhle.

**10** Kugeleza umhoshana lapha e-Ideni, okuyiwona unisela lesi sivande. Lapha ke ufike wehlukane kane.

**11** Owodwa kule mihosha emine kuthiwa yiPhishoni<sup>9</sup>. Ugeleza uthubeleze kulo lonke elaseHavila, elinomnotho wegolide.

**12** Lihle igolide lalelo zwe. Kanti ke futhi khona kutholakala nenhlaka yakwanokusho yebhedolaka<sup>10</sup> kanye netshe legugu, itshe leshohamu.

---

<sup>6</sup> *Gen 2,4b - 24: Lona umbono omdala kakhulu mayelana nendalo nendabuko. Kuthathwa ngokuthi ngumuntu owadalwa kuqala kanye nenqubo namasiko akhe onke (okuqomisa nokuganana, okuhlobana nokuhlalisana) izilwane nokumilayo kungakabikho. Le nkolo iqondé ukudumisa oPhezukonke: Ibeka esandleni sakhe konke okukhona, ayisiwo umzamo wokuchaza ukuthi kwavelaphi, kanjani - iyindumiso yoPhezukonke.*

<sup>7</sup> *Gen 2,7: La magama acishe abizeke ngokufana „adamáh“ (ihlabathi) no-„adám“ (umuntu). Elithi „Adam“ ligciné sekuyibizo lomuntu wesilisa.*

<sup>8</sup> *Gen 2,7: Ibizo lesiHebheru elithi „nefesh“ kujwayelekeké ukuthi lihunyushwe kuthiwe „umphefumulo“ kube kuqondwé „impilo“; okungukuthi umuntu „uyisidalwa esiphilayo/esinempilo“ njengezilwane nezinambuzane ngokunomehluko ezitshalweni nakokumilayo.*

<sup>9</sup> *Gen 2,11-14: Le mifula nemihosha, oPhishoni noGihon, nezwe iHavila akutholakali ebalazweni. IKhushi namuhla yiSudan kanye nengxenye yeTopiya. IAsur kwakuyikomkhulu lombuso waseAsiri.*

<sup>10</sup> *Gen 2,12: Ibdelyum yinhlaka okwakuthakwa ngayo amafutha okuthoba izidubulu.*

**13-14** Omunye ke kule mihosha emine kuthiwa yiGishoni. Wona ke ugeleza uthubeleze kulo lonke elaseKhushi. Owesithathu, iThigris, ugeleza empumalanga kwaseAsirya. Owesine yiEfratha.

**15** USmakade uNkulunkulu usemletha lapha ke umuntu ukuze aphanthe anakekele le ngadi yase-Ideni; ayikhuthalele, ayivikele.

**16-17** Wathi ke uSmakade uNkulunkulu: „Ungavuna uzidlele ngokubona kuzo zonke izihlahla kule ngadi. Kodwa ke izithelo zokwazi okuhle nokubi<sup>11</sup> ungazilokothi! Okungenjalo sekuyokuba ukufa kwakho ke lokho; ngiyakutshela!”

**18** Usethi ke uNkulunkulu uSmakade: „Akukuhle ukuthi umuntu angabi nabani. Ngizomakhela omunye oyomfanela, asizane naye.”

**19** UNkulunkulu uSmakade usebumba ngodongwe izilwane nemfuyo nezinyoni, wazithumela kumuntu ukuze azibone, asho futhi ukuthi zizobizwa zithiweni. Seziyobizwa kanjalo ke njengoba azetha.

**20** Wazilawula ke umuntu izilwane nezinyoni, wazetha amabizo azo zonkana. Akutholakalanga nasinye nokho ezilwaneni zonkana esasingamfanela nayengasizana naso.

**21** USmakade uNkulunkulu wamozelisa, wajunywa ngobukhulu ubuthongo umuntu lowo; wayesemcuya ubambo, esevalisisa kahle futhi lapho elukhiphé khona<sup>12</sup>.

**22** Usakha ke owesifazane ngalolu bambo; esemletha kulo muntu. Uthi ke umuntu kulokho: “Wangifuza akangishiya! Ngumkami ke lo; nesakhiwo sakhe sisuka kwesami!”

**23** Yingakho ke kuké kuthi umuntu adele uyise nonina, ayoziphilela nowakwakhe. Kuze kube sengathi sebenyama nye!

**24** Banqunu belu (sonke isikhathi lesi) - lomuntu nowakwakhe - futhi abazinyezi ngalokho.

## Isahluko sesithathu

---

<sup>11</sup> Gen 2,16: „...ukwazi ukwehlukana okuhle nokubi“ akusho nje ukwazi ukwehlukana phakathi kwezenzo ezemukelekayo emphakathini nezingavumelekile; kuchaza olwazi olujulile mayelana nakho konke okudingekile nokulusizo kanye nokuyingozi empilweni. Ulwazi olunjalo lungamduda umuntu, azibone esengazenzela nje noma yini ayithandayo. Lokho kungaze kumfikise ekutheni alingeke, agange ngamalungelo okuziphatha nokuzijuba, one (bheka kuGen 4,1-8.23; Gen 6,5; Gen 11,1-9 nakuEzra 28,1-19).

<sup>12</sup> Gen 2,21-23: Kule nkolo kwakuthi uma kucingwa ukuthi isintu sadabuka phi, kufuniselwe kuthiwe simsuka munye. Kwakuthathwa ngokuthi umuntu wesifazane wavela kowesilisa, yena okwakuthiwa wayedalwé kuqala kunaye. „Nyama yenyama yami; thambo lethambo lami“ yindlela okwakuchazwa ngayo ukuzalana nokuhlobana nokwazisana okukhulu. Owesifazane ke kuthiwa unyama nye ngokunjalo nowesilisa. NgoPhezulu yedwa okuthiwa wayengadala andise isintu - esandisa ngokuphamba impilo entsha ethathela kulé esikhona.

### Vulekiyane amehlo!<sup>13</sup>

- 1** Inyoka yayihlakaniphé izedlula zonke ezinye izilwane uSmakade uNkulunkulu azidalayo. Isimbuza ke owesifazane, ithi:  
“Washo ngempela uNkulunkulu ukuthi: `Ningalokothi nidle izithelo zalezi zihlahla ezisengadini?`”
- 2** “Suka lapha!” kuphendula owesifazane. “Izithelo siyazidla; sivunyelwe!”
- 3** Ngezalesi sihlahla nje kuphela esiphakathi nengadi esingazidli. INkosi yathi:  
`Ningazidli. Ningazilokothi. Okungenjalo niyofa!`”
- 4** „Kahle bo!” kukhuza inyoka. „Niyofa nibulawa yini; nikhohliswa nje!”
- 5** Ingani phela uyazi uNkulunkulu wenu lo ukuthi: Nazidla nje, nivuleka amehlo; nihlakaniphe njengaye. Senizazela nje ke nina konke – okuhle nokubi.”
- 6** Usesibukisisa isihlahla owesifazane: sasisihle, nezithelo zaso zihawukisa; nakhu ke futhi sekuthiwa siyahlakaniphisa!  
Nqampuliyane isithelo, wadla; wakhelela nomyeni wakhe, basina bazibethela.
- 7** Vulekiyane amehlo kubo bobabili; sebebona nokuthi bahlezi nje banqunu. Yikho ke sebethatha amaqabunga omkhiwane, benza ngawo izabana zokubhinca.
- 8** Ntambama selithé ukuphola bezwa sengathi uNkulunkulu uyahambahamba lapha engadini. Basithela ngezihlahla, bamcashela.
- 9** Wamemeza uSmakade ebiza owesilisa: „Ùphi no?”
- 10** Owesilisa usephendula ke ethi: “Ngikuzwile usondela, ngashaywa luvalo, ngacasha. Ingani phela nginqunu!?”
- 11** “Usuzwa ngobani phela manje ukuthi kawembethe?” kubuza uNkulunkulu. “Uthi awusudlé kulezi zithelo ozenqatshelwe nje?”
- 12** Iphendule ke indoda, ithi: “Yilo wesifazane owangilethela yena onginikile, ngadla.”

---

<sup>13</sup> *Gen 3,1-24: Umlandi wale ngxoxo uchaza indlela isikhubeko sokuqala esavela ngayo nesijeziso esalandela lapho; uxoxa esebenzisa izibonelo ezejwayelekile nje zansuku zonke. Inyoka imele ubukelemu nobuphixiphixi. Isihlahla senhlakanipho esinesithelo sokwazi ukwahlukanisa phakathi kokuhle nokubi sichaza amandla oPhezukonke, umuntu angeke abanawo ngaphandle kokuthi ewaphiwe nguye ngomusa.*

**13** Imbuze ke iNkosi uNkulunkulu owesifazane, ithi: “Usukwenzelani ke phela lokhu?”

“Ngiluthwa yinyoka!” eseziphendulela owesifazane. “Yiyo le engifaké ekulingweni, ngadla.”

**14** Usephendukela enyokeni ke uSmakade, ethi: “Ngenxa yalesi senzo sakho ngiyakuqalekisa! Ezilwaneni zonke lezi ezikhona wena uyokhasa phansi, uhulukuqele ngesisu, uphefumule uthuli impilo yakho yonke.

**15** Phakathi kwenu - wena nowesifazane nezizukulwane zenu<sup>14</sup> - kuyoba nenzondo engapheli: Bayokuzingelela ukukuchoboza ikhanda, wena ufune ukubashaya esithendeni.”

**16** Kowesifazane usethi ke uSmakade: “Uyoxinwa yizinhlungu njalo uma ukhulelwe; kuyothi uma ubeletha, udliwe yimihelo enzima. Uyolangazelela umyeni wakho; yena kodwa uyoba ngumbusi wakho.”

**17** Kowesilisa wathi ke: “Ngenxa yokuvumela ukuluthwa ngumkakho, wephule umyalo wami, ngiyawuqalekisa umhlabathi. Uyosebenza kanzima, ukhandleke, uzama ukuziphilisa kuwo.

**18** “Kuyomila ameva namakhakhasi kuwo; wena udle izithelo zasendle.

**19** “Uyodla ngezikwepha ngangezithukuthuku zakho uze uyoshona egodini - ubuyele emhlabathini, lapho wathathwa khona. Uluthuli lomhlabathi wena; uyogcina uphindele othulini!”

**20** Owesilisa wetha umkakhe elithi nguEva, ethi uyoba ngunina wesintu sonke.

**21** USmakade uNkulunkulu [wayesebenzela](#) ke okokwembatha ngeziqeshana zezikhumba.

**22** Usezikhulumela nje ke uSmakade, ethi: “Okungumuntu lokhu sekuzifanela nje noNkulunkulu! Kwazi yonke into manje! Sekusele nje ukuthi kwelule ingalo, kuzidlele izithelo zokuphila okuphakade!”

**23** Wamxosha ke wamkhipha umuntu ensimini yase-Ildeni ukuze ahambe ayolima umhlabathi okuyiwona asuka kuwo, aphile ngawo.

**24** Wachithwa kanjalo ke umuntu.

---

<sup>14</sup> Gen 3,15: “Izizukulwane” / “Inzalo” kuthiwa ngesiHebheru „isidoda” - „zar” - esingathi ngesiZulu „isisu” („abantwana besisu sakho”) noma „isende” („abesende lakhe”).

Esangweni ke uSmakade wabeka izingqapheli zakhe, zihlomé ngenkamba nangelangabikazi ukuze kungalokothi kwedlule muntu ozama ukuphindela esihlahleni sokuphila okuphakade<sup>15</sup>.

## Isahluko sesine

4

### Kwachitheka igazi

**1** Umlisa lowo usemkhulelisa ke umkakhe uEva, sebezibula ngendodana unina azibongela ngayo, athi: „Ngisizwé nguSmakade wangipha indodana!“ Bayiqamba ke elithi nguKhayini<sup>16</sup>.

**2** Dukuduku sebelamanisa ngendodana futhi; yona ke bayetha elithi nguAbela<sup>17</sup>. UAbela wakhula waba nemfuyo nekhono ekuzingeleni; uKhayini waba ngumlimi.

**3** Langa limbe uKhayini usehula umnikelo wefutho lasezivandeni zakhe kuNkulunkulu.

**4** Wenza kanjalo noAbela: Wakhetha amazibulo emazinyaneni akhe, wawahlaba, wethula phambi kweNkosi imibengo emihle nenonileyo.

UNkulunkulu wamthokozela uAbela ngomnikela wakhe;

**5** uKhayini nowakhe akamnaka. Washada nonwabu uKhayini!

**6** Usebuza ke uNkulunkulu, ethi: “Uxhukuleleni? Kukhona yini okusophile?”

**7** Uma uhlosé ukwenza okuhle, ngabe wesese nasebusweni; kanti ke uma usongele ukwenza okubi, imidlinzo emibi ikwenza uhlale uphukule. Ungavumeli ukunqotshwa yimidlinzo emibi!”

---

<sup>15</sup> *Gen 3,24: Uma kukhulunywa ngedawo yase-Ideni, akushiwo indawo eyayikhona ngempela; kusuke kuzanywa ukuxoxa ngobuhle nangenala nomnotho okukholelwa ukuthi kwadatshukwa ikhona. Amakherubhi kwakuyizithunywa ezinamandla amakhulu nesimo esehlukile kwesesintu okwakuthiwa ayephatha ilangabi, elinda amasango alapho kungayi lubuyayo khona - kwagoqanyawo.*

<sup>16</sup> *Gen 4,1: UEva indodana yakhe uyetha igama elithathwé esenzweni “-zuza” - ngesiHebheru „kanáh”.*

<sup>17</sup> *Gen 4,2: ElikaAbela igama lichaza uhwebezanyana lomoya kuhle komphefumulo uphuma. (Bheka encwadini „uMshumayeli 1,2)*

**8** Kulezo zinsukwana nje ke usethi uKhayini kumna wakhe: “Ake selule izinyawo, ngikukhombise izivande zami.”

Bathé bengaphumela ehlane, wamjuma, wafa khona lapho.

**9** “Uphi umna wakho uAbela?” kubuza uNkulunkulu.  
“Wambuza kimi!?” kuphendula uKhayini ezimangalisa. “Weluswa yimi yini kanti umzingeli lo?”

**10** “Ùkwenzeleni lokhu?” kubuza uNkulunkulu.  
“Uyalizwa igazi lomna wakho limpongoloza linginxusa, licela impindiselo?”

**11-12** Usuzethwesé isiqalekiso ngalesi senzo: Sekuyothi noma uthi uyalima, phinde isivuno! Umhlaba usuwuchelé ngengazi lomna wakho olichithileyo; ngakho kufanele uphume uphele kuleli, uduke nezwe ube **ùmhamb’ uma!**”

**13-14** Usezikhalela ke uKhayini eNkosini, ethi:  
“Sinzima lesi sijeziso. Ùngixosha ezweni elinothileyo; ùngiqhelisa kude nawe. Uma sengingumalal’ **epaypini** nje ke, ngehla ngenyuka ngingenabani, sengingabulawa nje nanoma ngubani kuphele khona lapho!”

**15** “Cha ke kulokho!” kuphendula uNkulunkulu:  
“Othinta wena uyojeziswa kasikhombisa!”  
Wayesembeka uphawu njalo uKhayini esiphongweni ukuze wonke ohlangana naye azi ukuthi: uKhayini **yiphuphu leNkosi**.

**16** Waphuma waphela ke uKhayini; wagcina akhé empumalanga nase-Ideni, ezweni laseNodi.

Isahluko sesithupha<sup>18</sup>

## 6

## Uzamcolo nejuba likaNowa

**5** Ngokuhamba kwesikhathi uNkulunkulu waphatheka kabi ebona indlela isintu esiqhuba ngayo: Akekho owayesanaké inhlalakahle nobuntu; kwase kubhoké ubuqili nobudlova.

**6** Kwakuze kube sengathi useyazisola manje ukuthi wayebadaleleni nje nempela.

**7** Usethi ke: “Ngizovele ngisibhubhise sonke isintu lesi - ngiqede ngedlulele nasezilwaneni zonkana. Impela kwakuyoba ngcono ukuba angizange nje ngikudale konke lokhu.”<sup>19</sup>

**8 - 10** NguNowa nje kuphela owayemthokozisa; wayeyindoda eqotho, emazisayo uNkulunkulu. Wayebatshazwa, eyisibonelo. Amadodana akhe kwakungoSem noHham noJafeth.

**11 - 12** Lalonakele izwe, kungekho namunye nje ngaphandle kukaNowa owayengayigculisa iNkosi. Ubuqola nobudlwembe babudlangile. Intando yeNkosi yase yaphenduka inhlekisa nje.

**13** Usethi ke uNkulunkulu kuNowa: “Lesi sinqumo ngisithathé ngisithathile: Ngiyasiqeda nya isintu manje; ngiyasibhubhisa ngothi lwaso. Wonakele umhlaba, ugcewele imikhuba namanyala enziwa yisintu.

**14** Gawula uxoze imithi wakhe umkhumbi; imifantu yawo uyigcike ngobumba. Uwakhe ube makamelo maningi.

---

<sup>18</sup> *Gen 6,1-4: Umlandi walé ngxoxo uzama ukuxazulula inkinga yokwehla kweminyaka yobudala ontwini emva kukazamcolo; uxoxa ngamadodana kaSmakade okwakuthiwa ukuthi ayephila emhlabeni emandulo, eyizidalwa ezinesimo esehlukile kwesintu, esifuzé isimo sezidalwa zasezulwini. Kulé ngxoxo kuthathwa ngokuthi, kwathi ngokuganwa kwawo yizintombi zenzalo yontu, kwavela ofeleba - izidlakela zezinsizwa - oyise bamaqhawe okusaxoxwa ngawo nanamuhla lokhu. La madodana kaSmakade kuthiwa ayeyizithunywa zasezulwini - izingelosi - (bheka encwadini kaJobe 1,6; 2,1; 38,7; nakuDanyela 3,92) ezakhubeka, zaxoshwa ezulwini, zehlela emhlabeni; kubuye kuthiwe kwakungamadodana kaSethi ayazelwa ubuqotho nokholo lwawo, yingakho nje ke ebizwa ke ngokuthi angamadodana kaSmakade. Kwathi ngokuganana kwawo namadodakazi kaKhayini, “amadodakazi ontu”, angenwa yinkohlakalo nokonakala komhlaba.*

<sup>19</sup> *Gen 6,7 - 9,29: Ukubhujiswa komhlaba ngozamcolo kuxoxwa ngakho nasenkolweni yezizwe ezinye. Kulé ngxoxo kuxhumana izingxoxo ezimbili: ngethathelwa kweyaseBhabhiloni kanye nenye ethasisela kuleyo, ichaza ngeziphambeko ontwini.*

- 15** Ukuphakama kwawo kube ngamamitha alishumi nanhlanu, ububanzi angamashumi amabili nanhlanu, ubude alikhulu namashumi amahlanu, bese uyawufulela.
- 16** Yakha ke uphahla lwesibili ukuze ube yisitezi esehlukene kathathu<sup>20</sup>. Umnyango ke uwuvule ohlangothini.
- 17** Ngizokwehlisa uzamcolo ozominzisa konke okusemhlabeni; akuyukusinda muntu nasilwanyana.
- 18** Lalela ke: Wena ngikunika nasi isethembiso: uyophepha. "Ngena emkhunjini, wena nomkakho namadodana nabalobokazi bawo.
- 19 -21** "Kuthi ke ezilwaneni nithathe njalo ngambili, iduna nesikazi, ukuze ziphephiswe kanye nani. Ngifisa ukuthi impilo ihlengeke; yingakho ke ngithi faka emkhunjini izilwane ngambili, enzincane nezinkulu, yonke inhlobo. Ungakhohlwa ke izilwane ukuzifakela ukudla kwazo; nawe nomndeni wakho niphathe umphako owanele."
- 22** Wenza ke uNowa njengokusho kweNkosi.

## Isahluko sesikhombisa

### 7

- 6** Wayeneminyaka engamakhulu ayisithupha uNowa ngesikhathi sikazamcolo lowo.
- 11** Kwakuwusuku lweshumi nesikhombisa enyangu yesibili mhla kuthululeka izimpophoma, kubheduka izikhukhula sengathi kukhumuké zonke izibopho esibhakabhakeni, kwaqhibuka ziphethukazi emathunjini omhlaba.
- 13-16** Wasuka waqonda emkhunjini uNowa ngololo suku, yena nomkakhe namadodana abo oSem noHham noJafeth nabafazi bawo kanye nezilwane ngambili ngambili: izinyoni, imfuyo, ezasendle - yonke inhlobo - njengokusho kweNkosi. Wayesevala-ke uNkulunkulu, esekhiya.
- 17-20** Layidliva ke izinsuku ezingamashumi amane. Waqala nomkhumbi manje, wantanta. Ngokuqhubeka kwemvula wagcina usuntweza njengasolwandle. Kuhambé kwahamba nezintaba azabe zisabonakala; amanzi ayeseyedlula ngamamitha amahlanu intaba ende kunazo zonke.
- 21-23** Kwagwila kwaminza konke okwakukade kuphila emhlabeni: izilwane, izinyoni nabantu. Wayishaya wayibhuqa uSmakade, yabhubha kanjalo ke impilo emhlabeni. NguNowa nje nomndeni wakhe abasinda.

---

<sup>20</sup> *Gen 6,16: Ukhakhayi lophahla kufanele luphakame ukuze amanzi emvula ageleze ngokushesha, achitheke.*

**24** Ayelokhu ethululekile amanzi engapheli - izinsuku eziyikhulu namashumi amahlanu!

## Isahluko sesishiyagalombili

**8**

**1-5** UNkulunkulu wakhumbula ukuthi uNowa nezilwane lokhu besemkhunjini belu. Usethumela izivunguvungu ukuze amanzi abohle; zakhawuka ke nezimpophoma, neziphethu zathoba. Kwathi kuphela izinsuku eziyikhulu namashumi amahlanu ayesebohlé impela nje amanzi. Ngosuku lwesikhombisa enyangeni yesikhombisa umkhumbi wabambeka, wema esiqongweni sentaba iArarath. Aqhubeka amanzi ebohla; ngosuku lokuqala enyangeni yeshumi kwase kubonakala neziqongqo zezinye izintaba.

**6-8** Emva kwezinsuku ezingamashumi amane uNowa wavula ifastela, wadedela igwababa; kwaba uliwezé ngelibanzi! Ngokuhamba kwesikhathi wadedela ijuba; ingani phela ufuna ukwazi ukuthi asehlé kangakanani amanzi.

**12** Wedlulisa izinsuku eziyisikhombisa, walidedela futhi. Lashay' utshani!

**13** Usephakamisa uphahla ke uNowa, ethalaza, ehlola isimo phandle. Sezedlule izikhukhula.

Kwakulusuku lokuqala onyakeni omusha; uNowa wayehlenganisa unyaka wamakhulu ayisithupha nanye wobudala. Osukwini lwamashumi amabili nesikhombisa enyangeni yesibili wasewomé ngokwejwayelekile umhlaba.

**15** Wayesethi ke uNkulunkulu kuNowa:

“Phumani ke manje emkhunjini, wena nomkakho namadodana enu nemizi yawo. Dedelani nezilwane zonke ezisemkhunjini nezinyoni, nemfuyo. Azizalane zande nezwe lonke.”

## Isahluko sesishiyagalolunye

9

### Uthingo lwenkosazana

**1 -3** UNkulunkulu wambusisa uNowa namadodana akhe, wathi: “Zalanani nande nezwe lonke! Izilwane zonke ngizethula kini, ziyonithobela: ezasendle, esasemanzini nezinyoni. Seningahlaba ke manje ngokubona, nizidlele; aniseyukudla nje kuphela izitshalo nezithelo, sengininika nezilwane ke manje.

**4 - 7** Eniyokuzila nje ke lapho yinyama esenegazi. Ningayilokothi ngoba lapho kunegazi khona kufana nje nokuthi kunomphefumulo. Nelenu igazi lingalokothi neze lichithwe. [Ngiyoqaphelisisa](#) impela nje ke lapho, ngikhokhise impilo ngempilo, emntwini noma esilwaneni. Obulala omunye, uyobulawa; ingani phela umuntu wadalwa wafuza uNkulunkulu. Zalanani nande nomhlaba wonke!”

**8-11** Useqhubeka ke uNkulunkulu ethi kuNowa nasemadodaneni akhe: “Ngibopha ifindo lesivumelwano phakathi kwami nani nabozalo lwenu kanye nazo zonke izilwane ebezisemkhunjini. Ngianethembisa: Angiseyukuphinde ngiwubhubhise umhlaba. Uzamcolo ngeke uphinde uhlasele emhlabeni. Lesi sethembiso engininika sona siyoma njalo nanini nanini.

**12-17** Njengesikhumbuzo salokho ngibeka uphawu lwesihlangu sami esibhakabhakeni. Kuyothi ke noma nini uma ngihlomisa izulu, kuvela uthingo lwenkosazana, ngikhumbule isethembiso sami kini nakukho konke okuphilayo. Uma nami ngibona lolu thingo, luyongikhumbuzisa ifindo lesivumelwano engilibophé nani. Lolu thingo luwuphawu lwefindo engibuyisana ngalo nakho konke okuphilayo emhlabeni.”

## Isahluko seshumi nanye

11

Kwaxaban' ubendle eBhabhela<sup>21</sup>

**1** Sasikhuluma lwimi lunye sonke isintu ngalezo zikhathi (zakudala). **2** Sekuthi ke ekusukeni kwaso empumalanga, saqonda eShina, emanxiweni amasha; kwakhiwa, kwazinzwa. **3** Sekuvela ke umbono othi: "Asibumbe izitini!" Zibunjelwa ke ukwakha.

**4** "Sondelani, sibambisane, sakhe omkhulukazi umuzi lo; siwunwebe, siwelule, siwakhele omdekazi umbhoshongo oye uyothinta esibhakabhakeni! Ngalokho siyoduma umhlaba wonke. Lesi sakhiwo ke siyoba yisiphephelo sethu esiqoqanela kuso, singasakazeki siduke nezwe."

**5-6** Ithi ke iNkosi uma yehla ezulwini, ibona kuyatatazelwa kuyakhiwa, isithi: "Soyicel' ivuthiwe! Sebemoya munye, bakhuluma lwimi lunye! Uma sebesifezile lesi sakhiwo sabo, abaseyukwehlulwa lutho; sebeyoqhubeka nje bazenzele umathanda. **7** Angiphuthume ngiyobadida, kuphambane ingqondo, kubhede ulimi, bangabe besezwana nangenkulumo!"

**8** Yabahlakaza lapho ke iNkosi, yabadukisa nomhlaba wonke; namapulani abo ema khona lapho. **9** Kungakho ke lo muzi nanamuhla lokhu ubizwa ngokuthi yiBhabhela: iNkosi yaluphambanisa ulimi untu, yaluhlakaza, yaludukisa nezwe lonke.

---

<sup>21</sup> *Gen 11, 1-9: Umuzikazi waseBhabhela wawulikhaya lezizwe ngezizwe, unezakhiwo ezinkulukazi nezimangalisayo. Umlandi walé ngxoxo uzama ukugcizelela ekutheni ingcebo nempucuko engagxilile enkolweni ingephumelele ukwakha nokubumba ubudlelwano nenhlalakahle emphakathini; idala uqhekeko nokungezwani.*

## Isahluko seshumi nambili

12

### Lwasuk' uhambo

**1** Usethi ke uNkulunkulu kuAbhram: „Shiya phansi umndeni nabozalo bonke, uphume kwelakini - kweloyihlomkhulu -, uye kwelikude, engiyokukhombisa Iona<sup>22</sup>.

**2-3** Ngizimisele lukhulu ngawe: Uyoba nguyise wesikhulu isizwe lesi engiyosiphemba ngawe. Liyoduma umhlaba wonke igama lakho. Ofisela omunye okuhle uyofanekisa alinganise ngawe. Ngiyomphatha kahle ophatha wena kahle, ngimehlisele okubi ohlupha wena nokuzondayo. Izizwe zonke zomhlaba ziyobusiseka<sup>23</sup> ngawe!”

**4** Wayeseniminyaka engamashumi ayisikhombisa nesihlanu uAbhram ngenkathi ethutha elishiya elakubo njengokujutshwa kwakhe yiNkosi. Umkakhe uSarayi kanye noLothi, indodana yomnewabo, bahambisana naye.

**5-6** Bathatha konke okwakungokwabo, nezisebenzi nezigqili abase bezizuzé ekuhlaleni kwabo kwelaseHaran; balibhekisa eKhenani - kwelaMaKhenani. Balithunga lonke, bathubeleza baye bayoshaya esihlahlenikazi esasikhonhanyelwa sikhonzwa eSkhemu.

**7** Useziveza ke futhi uSmakade kuAbhram, ethi: „Lonke leli ngilabela izizukulwane zakho!” Wathatha isikhonkwane uAbhram, wasibethela, wakhela uSmakade ialthari - iziko okwase kuyokwethulelwa kulo imihlatshelo - kuleli shashalazi azivezé kulo kuye.

....

## Isahluko seshumi nantathu

13

**2** Wayemi kahle uAbhram. Imfuyo ibulal' inyoka, isiliva negolide kungaqedwa.

---

<sup>22</sup> *Gen 12, 1-3: Ngokubiza nokubusisa uAbraham, uNkulunkulu wemukelisa isintu ithuba lokubusiseka emva kokuqalekiswa okwangena ngesikhubeke sokuqala. UAbraham uba yizibuko isibusiso esiwelela ngalo ontwini.*

<sup>23</sup> *Gen 12,3: Ukubusisa umuntu kusho ukumfisela okuhle - inala, inzalo, umusa, inhlanhla, ugazi, ukwaziseka, impumelelo -, ubudlelwano nenhlalakahle. Ukumqalekisa ukumfisela okubi nokungabi nabudlelwano naye.*

**5-7** NoLothi ayehambisana naye wayefuyile; izikhonzi nezinceku zakhe zingabalwa. Amadlelo ke agciné engasenele ukondla imfuyo yabo bobabili. Kwacaca ke manje ukuthi kufanele behlukane. Kanti ke belu kwakungakhé bona bodwa kule lizwe: amaKhenani, namaPhelisitha ayekade azakhela nawo kudala lapho.

**8** Emva kokuba sekuké kwaphindwa kwahiliziswana emadlelweni, uAbhram wayesethi kumfana womnewabo: „Ayiphele ingxabano phakathi kwethu naphakathi kwabaseluselayo; siyinzalo yamuntu munye! Izwe libanzi; thath’ eyakho ngithath’ eyami! Uma uphuma ubheka le, ngizosuka ngibheke neno; uma uya ngapha, ngiye ngale!”

**10-11** Wathalaza, wabhekisisa nxazonke uLothi; wagcina eboné ukuthi ethafeni eligudlé iJoldani umhlaba unothile namadlelo mahle kuze kuyoshaya eZowa. Ngaphambi kokuba libhujiswe phela elaseGomora lalinomnotho lilihle lifuze amathafa omfula iNil - kuyiphaladisi! ULothi waziqokela ke amathafa eJoldani; behlukana kanjalo ke noyise omncane.

**12** Wazisalela eKhenani uAbhram; waqhubekela empumalanga uLothi, phesheya kweJoldani, waze wafika eSodoma. Zazingaziphethe kahle izakhamuzi zakhona; wayengaculisekile ngazo uSmakade.

...

## Isahluko seshumi nanhlanu

15

### NoAbhram wagcina efundile ukukholwa

**1** Waqhamuka futhi uSmakade, waziveza kuAbhram, wathi: “Ungethuki, Abhram; yimi. Ngihlosé ukuba ngumvikeli wakho. Futhi nje ke ngisophé ukukwemukelisa omkhulu umvuzo lo!”

**2-3** “Kahle wena bo!” kukhuza uAbhram, „Mvuzo muni lowo osungethembisa wona manje? Ingani sikhuluma nje awukaze unginike nanzalo kuze kube namhla lokhu! Ifa lami liyogcina lizidlelwe yilona osebenza kwami, uEliyeza waseDamaseku.”

**4-5** “Suka lapha!” kuphendula iNkosi, “Elakho ifa liyodliwa yindodana yakho! Woza lapha ngikukhombise.” Usemholela phambi kwethende, eseqhubeka ethi: “Bheka naziya izinkanyezi esibhakabhakeni. Ungaziqeda ukuzibala? Iyoba ngako ke eyakho inzalo!”

**6** Cha ke, wakholelwa ke kulokho uAbhram; kwayithokozisa iNkosi lokho.

## Isahluko seshumi nesithupha

16

**1-2** USarayi umkaAbhram wayenesigqilikazi saseGibhithe esasimsebenzela, uHagari. Ngokubona ukuthi yena akazali, langa lithize uthi kumyeni wakhe: “Inkosi ayingiphi mntwana; nawe uyabona. Mhlawumbe isigqilikazi sami sona singakutholela indodana: Aké ngikunike sona, uzizamele.” Wavuma ke uAbhram; kwaba njalo ke<sup>24</sup>.

**3-4** Kwasekuphelé iminyaka eyishumi bafika kwelaseKhenani. Sekuthi ke uAbhram esemkhulelisile uHagari, waqala manje uHagari ukumeya uSarayi, esembukela phansi.

**5** Wakhononda uSarayi kumyeni wakhe: “Yimi engikuvumelé ukuthi uzame ukuthola inzalo, ngakunika imvume yokuthi ulale nesigqilikazi sami. Sesithé singakhulelwa ke manje sesizikhukhumeza; mina asisangazi nokuthi bengiyini nje! Kukho konke lokho wena uyangibukelela nje. USmakade ungumahluleli; ngiqinisile!”

**6** UAbhram waphendula ngelokuthi: “Yeka mina phansi. UHagari yisigqilikazi sakho; ùngenza okuthandayo ngaye!” Uthé ke uSarayi eseké wamdonsa ngendlebe uHagari, wayesevama ukumphatha ngesandla esiqinile; weqa uHagari, zaya!

**7-11** Kwathi uHagari ephumule ngasemthonjaneni endleleni eya eShuri, wafikelwa yisithunywa seNkosi - ingelosi - sathi: „We Hagari, ncekukazi kaSarayi, ulingangisephi no?” „Ngeqile!” kuphendula uHagari. „Phindela emuva!” kusho ingelosi, „Phindela uthobele umthetho womcindezeli wakho. INkosi iyokuklomelisa ngenzalo eningi kakhulu. Ùzozibula ngendodana, uyethe elithi ngulshmayeli ngoba uSmakade ukuzwile ukubalisa kwakho

**12** „Uyokhula abe ùmdlwembe kuhle kwembongolo yasendle; uMpikayipheli othi echukuluza laba, abe ehlaselwa yilaba. Bayohlangana ngaye abafowabo, bamhlasele bephangelana!”<sup>25</sup>

**13-14** UHagari usevela ngelokuthi: “Kusho ukuthi ke namuhla ngiboné ohlala engibona njalo, ohlala engibhekile!” Wayesemetha uNkulunkulu abekhuluma naye elithi „ùnguNkulunkulu ongibonayo wena!” Yingakho nje ke lo mthombo sewabizwa

<sup>24</sup>Gen 16,2: Ngokwenqubo yakhona umfazi wayededela umyeni wakhe akhulelise isigqilikazi sakwakhe uma yena engatholi mntwana. Abantwana abavela lapho ngabakhe nomyeni wakhe. Uma kwethuka kwenzeka ke ukuthi agciné esetholé abakhe, sasikhululwa ke isigqilikazi lesa, umyeni wakhe asinike iziphopho ezithile, siphume sihambe nabantwabaso. (Qhathanisa: 21,1-21).

<sup>25</sup> Gen 16,12: Lo musho uveza intshisekelo enkulu yezizwana ezazakhé ogwadule ukugcina zinqobile, zakhululeka. AmaBheduwini, okungesinye sezizwe zamaArabhu, azazisa kwanamuhla lokhu ngokuthi ayinzalo ka-Ishmayel.

ngokuthi ngumthombo iBher-lahay-Roy, okungukuthi „ngumthombo woPhilayo ongibhekileyo“, uphakathi kwaseKhadeshi naseBheredi.

**15-16** Wabeletha ke uHagari; uAbhram wayiqamba elithi ngulshmayeli indodana. Wayesehlanganisé owamashumi ayisishiyagalombili nesithupha uAbhram.

## Isahluko seshumi nesishiyagalombili

18

**1** Inxiwa likaAbraham (usenegama elisha phela muva nje; bheka kuGenesisi 17,5) lalingekude nezihlahlakazi zaseMamre ezaziswa, zikhonzwa. Langa limbe ezihlalele phambi kwelinye lamathende akwakhe, wavakashelwa nguSmakade:

**2-5** Buqama nje ubona isihambi nababili abasiphelekezelayo; usephuthuma, ebahlangabeza, esho phansi ngedolo, ebabingelela: „Banumzane! Phambukelani kwami kengizwe ubumnandi bokunitatazelela! Ngizophuthuma namanzi okususa uthuli ezinyaweni. Phumulani lapha phansi kwesihahla emthunzini, ngisalanda okokuqeda ukoma, nisuse esemehlweni ngaphambi kokuqhubeka nohambo lwenu. ...“ Zavuma izihambi.

**6** Waphuthuma ethendeni uAbraham, wathi kumkakhe: We Sara (naye phela usenegama elisha)! Thatha izitsha zibe ntathu zikaflawa ubhakele nampa abantu phandle; bayedlula, balambile!“

**7-8** Nanguya esephuma futhi, eseqonde kwabelusé imfuyo yakhe. Wafike wakhetha ithole, wathi alihlatshwe, losiwe, liphekelwe izivakashi zakhe ngokushesha. Usethatha ubisi namasi ekuletha kanye nakho konke lokhu kudla kwabahlali phansi kwesihlahla phandle; basina bazibethela.

**9-12** Usebuza omuye wabo ukuthi uphi uSara. Uyasho ke uAbraham ukuthi usendlini - ethendeni. „Uma ngiphinda ngifika lapha ngonyaka ozayo,“ kusho lomlisa belu, „uyobe esebelethile - esegoné indodana umkakho!“

Bakhuluma nje uyabezwa uSara! „Yimihlolo yami!“ esho ezicabangela yedwana. « Ngingathi sengizigugele ngingaka, kube kusathiwa ngiyokhulelwa, ngizale? Akubuyelw' emuva kungemgqigqo ! Nomyeni wami asazigugela nje ...!? »

**13** Isithi ke iNkosi kuAbraham : « Awungitshela : Uhlekani<sup>26</sup> uSara ? Akakukholwa lokhu engikushoyo ukuthi uzothola umntwana ? Akukho okwehlula uSmakade. Ngonyaka ozayo uyongibuza ungiphale ulimi: uyobe eseyigonile indodana!“ ...

<sup>26</sup>*Gen 18,12-15: Le ngxoxo ngokuhleka kukaSara ikhumbuza ukudlaliselana ngegama likaYisaka - ngesiHebheru elibizwa lithiwe "Yitskgák" - okungukuthi "uyahleka".*

## Isahluko seshumi nesishiyagalolunye

19

### Wasinda uLothi kubhubha iSodoma

**1-3** Kwakuqeda ukuhwalala nje ngenkathi izigijimi ezimbili zifika eSodoma. ULothi wayesahlezi esangweni. Wathi uma ezibona zisondela, wazihlangabeza. Usekhothama phambi kwazo, ezibingelela, ethi: “Ngenisani kwami, nigobe idolo, nithobe nezinyawo, niqede ukoma! Uhambo niyoluqhuba kusasa!” “Ungakhathazeki, mfowethu,” sekuphendula zona, “sizozilalela nje khona lapha phandle.” Wazincengisisa uLothi zaze zagcina zivumile. Zangena, zadla.

**4-5** Sekuthi sekuzolalwa, sekuzwakala ubuhhomuhomu ebaleni kwaLothi: Amabhungu, izinsizwa namadoda onke aseSodoma aphelele ngothi lwawo. Alusafakwa! “We Lothi! Lothi!”, kumemeza wona belu. “Khipha lezi zinsizwa esiziboné zingena lapho kwakho. Zilethe lapha sizidlwengule!”

**6-7** “Kahleni bakwethu!” kushweleza uLothi, esephumé wema phambi komnyango. “Mkhuba muni lona eniwuhlosileyo?” Basezwa yini?

**8** Uthé esuka wayesencengela ukuthi okungenani angabakhiphela amadodakazi akhe omabili - izintombi nto, ezingayazi indoda -, basine bazibethele kuwo ukuze kuphephe lezi zihambi ezingenisé kwakhe<sup>27</sup>. Phinde!

**9-10** Bamehla ngenhlamba, bemkhumbuza nokuthi ungowokufika lapha, abasoze bashayelwa nguye umthetho bona! Wasinda ngokulambisa sebemphuthuma. Zawuvula masinyane izivakashi umnyango, zamuthi xhakathisi ngesidlozana, zamholela endlini, zashuda. ... ..

**12-14** Sezithi ke izihambi: “Silapha nje ke, Lothi, sithunyiwe. INkosi iyawuchitha manje lo muzi, iyawubhubibhisa. Ikhathele yizigigaba nemikhuba egilwa lapha. Sukuma - wena nomndeni wakho - nisilandele! Biza amasoka amadodakazi akho sibaleke.” Wathumela khona lapho uLothi ukuthi awabizwe; enqaba, amhleka usulu.

**15** Ngentathakusa, kusempondozamneke, zamgqugqumezela uLothi izithunywa, zithi: “Shesha bo! Thatha umkakho namadodakazi enu niphuthume ningaze nibhubhe kanye nalo muzi!” Amthatha ngesidlozana, amqhuba - yena nomuzi

---

<sup>27</sup> *Gen 19,8: ULothi uncama ukuthi okungenani anikele ngamadodakazi akhe ezigcwelegcweleli, ziwadlwengule, kunokuba azidedele zizoxozomisa izihambi ezikhusele kwakhe. Kwakuqhutshwa kanjalo.*

wakhe - abakhiphela ngaphandle komuzi waseSodoma<sup>28</sup>. ... ..  
 ...

**23-25** Lathi liphuma oLothi base beseZowa. Wayehlisa uSmakade imvula yamalangabi nesibabule, yasha yangqongqa imizi yaseSodoma naseGomora. Kwabhubha yonke imizana eyayisemathafeni agudle iJoldani nezakhamuzi zayo zonke; umhlaba waphenduka ihlane.

## Isahluko samashumi amabili nanye

**21**

### Usevivinywa futhi Abraham

**1-3** Wayengakakhohlwa belu uSmakade ukuthi wayegciné ethembisé uSara umntwana. Kwaba njengoba ayeshilo: Wakhulelwa, wazibula ngendodana; bayetha elithi nguYisaka.

## Isahluko samashumi amabili nambili

**22**

**1-2** Sekuthi esekhulakhulile umfanyana lowo, uSmakade usevivinya ukholo lukayise, ethi: "We Abraham! Sukuma, uthathe le ndodana yakho oyithanda ukwedlula konke, uYisaka, uqonde nayo kwelaseMorija; ngiyokukhombisa khona ke intaba oyoyidundubala, uthi usuphe' kwayo, umhlabe ungosele yena umfana lowo, abe umnikelo wokushiswa!"<sup>29</sup>

**3** Ngakusasa ukusa kwaziwa nguye: Wacanda izinkuni, wabophela imbongolo; lathi liphuma wayesesendleleni kanye nendodana yakhe, eqondé kuleyo ntaba iNkosi eyayisimbonisé yona. Babephelekezelwa ngezimbili zezigqili zabo.

---

<sup>28</sup> *Gen 19,17: Ngenxa yokuthi le ngxoxo ihlanganisé izingxoxo ezimbili, kuyashintshashintsha enkulumweni: Kukhuluma abe munye kubuye kujike kukhulunywe ngabathathu. Oyedwa nguNkulunkulu; abathathu yizithunywa zasezulwini.*

<sup>29</sup> *Gen 22,1-19: UNkulunkulu uvivinya ukholo lukaAbraham ngokwedlulele. Kuyacaca nokho engxoxweni ukuthi akahambisani nokuthi anikelelwe impilo yomuntu njengoba kwenziwa konkulunkulu bezizwana ezingomakhelwane.*

**4-6** Ngosuku lwesithathu besendleleni, basibona isiqongo sentaba sivela kude le. Usethi ke uAbraham ezigqilini zakhe: “Hlalani lapha ke nina nembongolo; thina sobabili siqhubekela kuleya ntaba, siyokhuleka. Sizobuya futhi.” Usezethwesa indodana ke izinkuni lezi; yena usephatha lolu khanjana olunelahle lokuphamba umlilo kanye nommese. Yibo labaya!

**7-8** Dukuduku abuze uYisaka: “Siphethe cishe zonke izimfanelo; okuyikhona okusemqoka kodwa asikuphethe -imvu noma imbuzi esiyonikela ngayo! ...” Uyise aphenhule kulokho ngokuthi: “YiNkosi eyaziyo, Fana. Yiyona eyodala isu, ilawule kulokho.” Baqhubeka.

**9-12** Bathé bengafika entabeni ayekhonjiswé yona, bethula imithwalo, uAbraham wayesakha iziko, welakanyanisa izinkuni wayesebamba uYisaka, esembopha izandla nezinyawo, esembeka phezu kwezinkuni eziko. Uselula isandla ke, ephuthaza lommesekazi ezé nawo. Uthé lapho ethi uyawuphosa entanyeni, anqume indodana yakhe, kwamemeza [izwi loshwelezayo kuhle kwengilozi imemeza isezulwini](#): “Hawu, we Abraham! Kahle bo!” Dlengelele. „Ungalokothi umlimaze umfana lowo! Kwanele manje: Usuphindé waluveza lwacaca ukholo lwakho kuSmakade ngokuzimisela kwakho ukunikela ngisho nangale ndodana yakho!”

**13** Usethi uma ephendula ikhanda uAbraham, usebona inqama ibhajwé ezihlahlanyaneni zameva ngezimpondo. Kwaba ukusinda kwakhe ke lokho uYisaka: Uyise wasala esenikela ngale nqama ke esikhundleni sakhe.

## Isahluko samashumi amabili nane

24

### Isifiso nesifungo sikaAbraham

1 Wayesekhulile uAbraham; kulapho ke noSmakade ayembusisile wamphumelelisa. 2 Langa limbe usethi ke kwesinye sezigqili zakwakhe okuyisona esasiyisethenjwa sakhe: „Shutheka isandla sakho phakathi kwemilenze yami, ufunge uthi uyangethembisa kuNkulunkulu, iNkosi yezulu nomhlaba, ukuthi awuyukulokotha uthathele uYisaka indodana yami umalokazana ezintombini zalapha eKhenani. 4 Ngethembise ukuthi uyosuka uye kwelakithi uyomfunela kwabozalo lwami oyomgana.”

5 Yabuza inceku, yathi: „Ngenze njani ke uma intombi leyo ingavumi ukuza neno? Kuyofanele ngiyithumele le kwelakini ke indodana yakho?”

6 „Ungaké ulokotho nje uphindisele indodana yami lapho!” kukhuza uAbraham. 7 USmakade, iNkosi yezulu, uyokuthumelela isigijimi sakhe phambili ukuze lukulungele udaba, avume akulandele umlobokazi. Wangilanda kwethu uSmakade, wangikhipha kwelakithi, wafunga kimi wathi leli ulabela abozalo lwami! Uma ingavumi intombi leyo ukubuya nawe, ungakhathazeki; uyobe usukhululekile esifungweni osithathile. Ungalokothi neze nje uthathe indodana yami uyoyishiya lapho!”

9 Yamshutheka ke inceku uAbraham isandla phakathi kwemilenze yafunga njengokwesifiso sakhe. 10 Yahlomula amakameli ayishumi emhlanjini, aboshelelwa uhambo, yathatha umngenandlini nengqaqamazinyo - izipho zekhethelo - yanikela khona eMesophothamya, lapho kwakwakhé khona abomndeni kamnewabo kaAbraham, uNahor.

11 Ekufikeni kwayo lapho, yema, yaphumuza namakameli ngasemthonjeni - ntambama nje ngesikhathi izintombi ezikha ngaso amanzi.

12 „Smakade, Nkulunkulu wenkosi yami uAbraham“, kukhuleka yona inceku belu, „ngisize ungi phumelelise kwengikuthunyiwe, uthokozise inkosi yami uAbraham. 13 Azoqhamuka khona manje amantombazanyana, amatshitshi namaqhikiza ezokha amanzi. 14 Bese nginxusa enye yawo ngithi: `Sondeza umgqomo ngiphuze!` Uma iphendula ithi: `Yebo, phuza. Ngizokuphuzisela namakameli akho futhi.` sengiyokwazi ke mina ukuthi yiyo kanye leyo uSmakade ayikhethele inceku yakhe uYisaka. Ngiyobona ngalokho ukuthi ubé nesihe, wayizwela inkosi yami uAbraham.”

15 Uthé eqeda nje ukuthandaza, kwakuqhamuka intombi ithwele umgqomo ehlobo. KwakunguRibheka, indodakazi kaBhethweli, umzukulu kaMilkha, owayengomunye wabafazi bomnewabo kaAbraham uNahor. 16 Wayemuhle esabeka - intombi nto, engayazi indoda! Wacathula ehlela emthonjeni, wawukhelela umgqomo wagcwala, wawuhloma ehlobo wenyuka nawo.

17 Yasukuma inceku kaAbraham, yasondela, yathi: “Aké ngithathe ithamo emgqonyeni wakho, ntombazane yami!”

18 “Yebo, phuza, Baba!” kuphendula intokazi, yethula umgqomo, imtshekisela ukuze aphuze kahle. 19 Kwathi esephuzé wakholwa, yathi: “Ngisayokukha amanye ukuze ngikuphuzisele nemfuyo yakho!” 20 Yawuthululela emqengqeni umgqomo, yehla iphindelela ikhelela imfuyo, iyiphuzisa, nayo yaze yadela.

21 Yema nje yabuka, ayasho lutho inceku kaAbraham, icinga ukuthi ngabe uSmakade useluphumelelisile njalo uhambo lwayo. 22 Kuthé isiphuzé yeneliseka imfuyo, inceku yakhipha indondo yakwanokusho namasongo amabili egolide anohlondo yawanika le ntombi, yayibuza isibongo, ithi: “Uyihlo ke yena ngubani? Ngingaya ngiyokhuleka, ngicele ukungenisa kwenu, sifihle khona ikhanda?”

24 “Ngiyindodakazi kaBhethweli mina;” kuphendula intokazi, “uBhethweli lo uMilkha amthola kuNahor. 25 Ikhona indawo, inkulu, kwethu; notshani nefolishi kugcwele!”

26 Yakhothama yaze yavuma phansi ngedolo inceku, yakhuleka yathi: 27 “Ngiyakubonga, Smakade, Nkulunkulu wenkosi yami uAbraham! Ubé nomusa kuye wangilonda nami endleleni, wangihola waze wazongibeka lapha kwabozalo lwakhe!”

Ukucelwa nokulotsholwa kukaRibheka

28 Yaphuthuma ekhaya kunina intombazane, yababikela bonke ngalokho. 29-30 Inomfowabo; igama lakhe nguLaban. Wathi uma ebona indondo yakwanokusho namasongo egolide udadewabo asehlobé ngawo, ezwa nokuthi ukhulumé wathini lowo muntu, wasukumela phezulu, wanikela emthonjeni, lapho afica khona inceku kaAbraham ilokhu isalindile.

31 "Phambukela kithi, Sibusiso seNkosi! Umeleni phandle?" kusho uLaban "Sengikulungisele konke kwethu; namakameli akho anendawo eyanele!"

32 Yangenisa ke inceku kwabo. Amakameli angeniswa, akhulekwa, aphiwa utshani nefolishi. Inceku nezimpelesi zayo balethelwa amanzi okususa izintuli nokuthoba izinyawo. 33 Kuthé sebeyiphakele bayisondezela, yathi: „Angizukudla ngingakakufezi engizé ngakho.”

ULaban wathi akasho ke eze ngakho. 34 Wayesethi ke:

„Ngiyinceku kaAbraham. 35 USmakade wayibusisa inkosi yami, yaba nogazi nokwaziseka. Wayipha imfuyo eningi - izimvu, izimbuzi nezinkomo - kanye nesiliva negolide nezigqili namakameli nezimbongolo. 36 Sekuthi nomkayo uSara esezigugele nje, wayizalela indodana - indlalifa - inkosi yami.

37 Yangifungisa ngagomela inkosi yami, yangidonsa ngendlebe yathi: `Ungalokothi uthathele uYisaka indodana yami umalokazana ezintombini zalapha eKhenani lapha esengakhé khona. 38 Ngethembise ukuthi uyosuka uye kwelakithi uyomfunela kwabozalo lwami oyogana yena´.

39 Kwathi noma ngikhononda, ngithi kungenzeka ingathandi intombi leyo ukubuya nami ize neno, 40 wathi: `USmakade, iNkosi engiyikhonzayo, uyokuthumelela isigijimi sakhe phambili ukuze lukulungele udaba, utholele indodana yami umlobokazi kwabozalo lwami, kwethu. 41 Uma abozalo lwami bengqaba ukukunika ingoduso leyo, usukhululekile ke wena esifungweni osithathile.´

42 Sengithi uma ngihamba ngize ngifika emthonjeni namuhla, sengikhuleka kuSmakade, ngithi: `Smakade, Nkulunkulu wenkosi yami uAbraham, uma ungangisiza nje, ungiphumelelise kwengikuthunyiwe! 43 Ngimi lapha ngasemthonjeni, ngicela ungincede: Ngizonxusa eyokuqala intombi efikayo, ngithi: Aké ngithathe ithamo emgqonyeni wakho, ntombazane yami! 44 Uma iphendula ithi: 'Yebo, phuza. Ngizokuphuzisela namakameli akho futhi.' sengiyokwazi ke mina ukuthi yiyo kanye leyo uSmakade ayikhethele indodana yenkosi yami.´

45 Ngithé ngiqeda nje ukusho lokho, wayeqhamuka uRibheka nomgqomo ehloombe, wewukela emthonjeni, wakha amanzi. Ngathi kuye: 'Aké ungiphuzise!' 46 Wawethula umgqomo, wangitshekisela, wathi: 'Phuza, Baba! Ngizokuphuzisela nemfuyo yakho futhi!"

Kuthé namakameli esewaphuzisé adela, 47 ngambuza uyise, waphendula wathi, nguBhethweli, indodana kaNahor kumkakhe uMilkha. Ngase ngimhlobisa ngendondo yegolide ekhaleni namasongo egolide anohlondo esihlakaleni. 48 Ngawa phansi, ngazibongela kuSmakade, uNkulunkulu wenkosi yami uAbraham, ngokungihola aze angifikise kumnewabo wenkosi yami esengingacela kuye ke manje ukuthi aganisele indodana yenkosi yami indodakazi yakhe le.

49 Khulumani ke, Bakwethu: Uma nisemukela isicelo sami, niyenzela umusa inkosi yami, shonini; uma nenqaba, nisho futhi, ngedlulele kwabanye!´

50 Baphendula oLabani noBhethweli, bathi: "Sizothini ke thina kulokho? NguSmakade owaziyo! 51 Nangu uRibheka. Mthathe, ayogana indodana yenkosi yakho njengokwentando yeNkosi.!"

52 Yathi uma izwa lokho inceku kaAbraham, yaziphonsa phansi, yazibongela kuSmakade. 53 Yasukuma, yaqhaqha imithwalo, yakhiphela uRibheka amagugu esiliva nawegolide nezembatho zakwanokusho. Nomnewabo nonina yabagidlabeza neziphambili izipho lezi.

### Wakhishwa wayogana uRibheka

54 Kwadliwa, kwaphuzwa, kwalalwa. Ngakusasa yathi inceku kumnewabo wentombi nakunina: "Asivalelise, Bakwethu, ngiphindele enkosini yami!"

55 Bayinxusa, bathi: "Aké nilinde nje izinsukwana noma eziyishumi, intombazane ikithi ukuhlahlala nje, icimelise, bese nihamba ke."

56 "Ningangibambeleli nina bo!" kukhuza inceku. "USmakade uluphumelelisile uhambo lwami. Ngidedeleni ngiphindele enkosini yami."

57 "Sizoyibiza intombazane, izisholo yona isinqumo sayo." kuphendula umnewabo nonina.

58 Nebala bambiza uRibheka, bambuza: "Uyathanda ukuhamba nalendoda?" Wathi uRibheka: "Yebo, ngiyathanda!"

59 Bavalelisa ke kuRibheka nasempelesini yakhe kanye nasencekwini nakubaphelekezeli bayo. 60 Bambusisa uRibheka, bathi: "Ntombazane! Sengathi ungaba ngunina wezizwe ngezizwe! Inzalo yakho izinqobe izitha zayo, izibuse!"

61 Baluthatha ke uhambo oRibheka nezimpelesi zakhe begibele amakameli, beholwa yinceku kaAbraham. Waphuma ke uRibheka nomthimba, beqondé emzini.

62 Ngalezo zikhathi uYisaka wayehlala eningizimu nezwe eduze nomthombo iLahayi-Royi. 63 Langa limbe ebuya endle, ubona uxhaxha lwamakameli lusondela.

64 NoRibheka uthi uphakamisa amehlo, umbona. Wehla ekamelini, 65 wabuza encekwini, wathi: "Ngubani lo osihlangabezayo?"

"Yinkosi yami" kuphendula inceku. URibheka wathatha imvakazi, wahloniphisa ubuso.

66 Inceku yambikela ke uYisaka ukuthi ihambé kanjani. 67 UYisaka wangenisa uRibheka ethendeni likanina uSara, wamenza umkakhe, wamthanda. Waze waduduzeka nalapho esalahlekelwa ngunina.

## Isahluko samashumi amabili nanhlanu

25

**20** Eshlanganisé engamashumi amane ubudala uYisaka waganwa nguRibheka, indodakazi kaBehtweli - umArameya wakwelaseMesophothamya -, udadewabo kaLaban. Wabheka, wabheka uRibheka; lutho abantwana! **21**Uyisaka wazikhulekela kuSmakade; iNkosiyawuzwa umthandazo wakhe. Khulelwiyane uRibheka - àmawele! **22**Njengoba elokhu edlala, eqhubukushana esiswini sikanina, uze ezibuza uRibheka ukuthi mhlolo muni lowo. **23**Ithi ke iNkosi kulokho: “Ùthwele izizwe zibili esizalweni sakho. Enzalweni yakho kuyodaka izizwe zibe mbili; esinye sehlule esinye - sisingqobe. Omdala uyokhonza omncane.”

**24**Negala: Wazibula ngamawele uRibheka. **25**Elokuqala laliphuphuzela uboyana obubomvana emzimbeni wonke; baliqamba elithi nguEsawu. **26**Elesibili laphuma libambelele esithendeni somnewabo; baletha elithi ngujJakobe. Uyise wayesengamashumi ayisithupha ubudala.

**27**Bakhula ke abafana. Uesawu waba ùmzingeli, ethanda ukuzihambela kude endle. UJakobe waba ùmelusi, ethi noma ehzihambahambela nje, angaqheli kakhulu nasekahya. **28** Uyise, ikloaelaziwayo, wayeezithandela uEsawu; uJakobe yena wayethandwa kakhulu ngunina.

**29**Usebuya ekahtele kakhulu uEsawu ekuzingeleni ngelinye ilanga; ufica umnawackhe upheké isitshulu sikabhontshisi obomvu. **30**“Mfo1 Ngilambile, ngikhathele; akéungiphe kulokhu okubomvana okupheileyo!” (Yingakhoke phelauEsawu babemntalela bethi ngu-“Edom” - wayeyisiklwede kanti ke futhi evamile ukuthanda noma yini ebomvana).

**31**UJakobe usemhlakaniphela, ehti: “Ngizokuphakela, udle, usuthe uma nje uvuma ukwedlulisela kimi ilungelo lakho lobuzibulo njengendlalifa.”

**32-34**Iyadlala yni indlala? Vumiyane uEsawu; usemfungisa khona laphouJakobe, ... Wamphakela, wadla, wesutha; kwaba ùkuphela kwayo ke indaba yobuzibulo, ayevele engayigqizé qakala uEsawu.

## Isahluko samashumi amabili nesikhombisa

27

## uJakobe ukhwabanisa isibusiso

**1-4** Sekuthi ke uYisaka esegugile namehlo akhe esequndekile, usememeza indodana yakhe enkulu, ethi: “Esawu! We Esawu! Ngikhulile manje; ukufa sekungafika noma nini. Phuma uyongizingelela inyamazane, uyose, uyipheke njengoba uhlale ungenzela kengenelise umphefumulo, ngibusiseke ngawe ngamphambi kokuba ngife.”

**5** Bakhuluma nje uRibheka ulalele.

**6-10** Wathi esithela nje uEsawu, wayephuthuma kuJakobe uRibheka, emhlebelala ethi: "Uyazi ukuthinii? Uyihlo ubekhuluma nomnewenu ethi ... .."

Lalela lapha ke wena, wenze njengoba ngikutshela: Landa amazinyane abe mabili emhlanjini, uwalethe lapha, siwahlabane, ngiwapheke ngale ndlela ethandwa kakhulu nguyihlo, bese umdekela, adle akubusise engakabuyi uEsawu!"

**11-12** Athi ukunqikaza uJakobe. "Usukhohliwe yini, Mama, ukuthi uEsawu unoboya yonke indawo - nasezingalweni? Mina anginabo! Ngiyokwenzenjani uma uBaba ethi uyangiphulula, bese efumana ukuthi yimi, akusiye uEsawu? Ngiyoshonaphi ke uma lokho kumthukuthelisa kangangokuba aze angiqalekise esikhundleni sokuba angibusise njengoba sifisa?"

**13** Azame unina ukummisa isibindi, ethi angakushayi mkhuba konke lokho: "Siyothwalwa yimi naleso siqalekiso. Wena yenza lokhu engikutshela khona!"

**14-17** Aphuthume ke uJakobe, awalethe amazinyane lawo; athi angahlatshwa ke awose, awapheke uRibheka ngale ndlela ethandwa kakhulu umyeni wakhe. Uselanda ke izembatho zikaEsawu zakwanokusho, esezigqokisa uJakobe; ezingalweni nesentanyeni usemgiga ngezicucu zezikhumba zamazinyane ukuze kube sengathi naye unoboya ufuze umnewabo - kube sengathi ungumnewabo uqobo! Usemnika ke lesi sitsha sokudla abekulungisa ukuze ayokwethula kuyise njengokwesu labo.

**18-19** Njengokwejwayelekile uYisaka wabuza emva kokubingelelana ukuthi yiyona yiphi ke le ndodana akhuluma nayo. "NginguEsawu, izibulo lakho!" kuphendula uJakobe. Asho enazezela ngokushesha, ethi: "Isisheshé yalunga naleyo ndaba. Vuka ke, Baba, usondele lapha, udle njengokwesifiso sakho, ungibusise."

**20** Kube sengathi kukhona akusolayo uYisaka, abuze athi: "Waze washesha bo namuhla ...?" "Cha, Baba" kuphendula uJakobe, "kubé sengathi iqhutshwa nguSmakade, uNkulunkulu wakho uqobo, le nyamazane wayiqondanisa nami ngqo!"

**21-22** Yedlule leyo, athi uYisaka: "Sondela ngikuphathe, ngikuphuthaze. Nguwe impela, Esawu?" Asondele uJakobe; uyise amphuthaze, amphulule, agcine ethé: "Izwi nguJakobe nje; izandla nezingalo zona kodwa ngezikaEsawu!"

**23-24** Kwangathi uphambeké ngempela ngenxa yalezi zikhumba ezimenza athathe ngokuthi uphulula uEsawu yena phela onoboya nasezingalweni. Usezibuzisa futhi: "Nguwe lona, Esawu, ndodana yami?" Aphendule futhi uJakobe eshesha: "Yebo, Baba, yimi!"

**25** "Sondeza ke ongiphekelé khona kengidelise umphefumulo, uthole isibusiso!"

**26-29** Wathi angadla, waphuza, yayisimanga indodana yakhe njengokwesifiso sakhe. UYisaka wahogela iphunga elimnandi lesembatho sendodana yakhe, wayibusisa ethi:

"Iphunga lendodana yami  
linjengephunga lamasimu abusiswé nguSmakade!"

Sengathi ke, Ndodana yami,  
 uNkulunkulu angakupha imvula eyanele,  
 umhlaba onothile, nenala yamabele nezivini.  
 Izizwe zonkana zikukhonze, zikukhothamele!  
 Abafowenu bayobuswa nguwe;  
 inzalo yakwenu iyokukhothamela.  
 Okuqalekiswa uyoqalekiswa;  
 abusiswe okubusisayo!"

**30-31** Wayibusisa kanjalo ke uYisaka indodana yakhe, uJakobe.  
 Wathi ephuma nje uJakobe emva kokubusiswa nguyise, wayefika uEsawu ebuya ekuzingeleni. Akabange echitha sikhathi: Walungisa ukudla njengokwesifiso sikayise, waqonda kuye, wathi: "Ngafika! Vuka ke, Baba, usondele; sekulungile ukudla. Dlana wenelise umpefumulo ukuze ngibusiseke!"

**32** „Sekungubani ke futhi lowo?“ kubuza uYisaka.  
 „Yindodana yakho, izibulo lakho, uEsawu!“

**33** Wathukuthela washada nonwabu uYisaka, wathi: „Uma wena unguEsawu, ngubani ke lo obelapha ngaphambi kokuba ungene? Ufiké wangiphakela njengokwesifiso sami, ngadla, ngambusisa; leso sibusiso usitholé usitholile!“

**34-35** Kwathi akazibulale uEsawu ukuthukuthela nokudumala; wampongoloza, edinda isililo. „Ngibusise ke nami, Baba!“ ezicelela. Lalandula ikhehla: „Usithethé usithethé umfowenu isibusiso sakho! Ungifikelé ngobuqili, ngalutheka. Sihambé sihambile (ibusiso lesa)!“

**36** „Laze lamfanela ke negama lakhe!“<sup>30</sup> kubalisa uEsawu. „Akaqali ukungigebenga; usephinda impinda kulokhu! Ngayengeka, ngedlulisela kuye ilungelo lami lobuzibulo; namuhla usengigijimelé phambili, wahlwitha isibusiso sami! Baba asikho nje ke nesisodwa isibusiso esisele, ongasale usunginika sona?“

**37** Walandula uYisaka, wathi: „Umfowenu ngimbusisé ngamenza umbusi phezu kwakho; bayokhonza kuye bonke abafowabo. Ngimfumbathisé ngamethwesa inala yesivuno. Ngingabe ngisasithathaphi ke manje isibusiso engingasinika wena?“

**38** „Kahle bo, Baba. Usho ukuthi asisekho nje nesisodwa nje onganginika sona - esokugcina ngci? Hawu ngibusise nami bo; ngiyakuncenga, Baba!“ Zehla futhi izinyembezi; waqala phansi futhi wasidinda.

**39-40** Usethi ke uyise:  
 „Kwelimagad' ahlabaya  
 kude le -  
 kwelingenamnotho, elingenamvula -  
 kuyokwakha knona wena.  
 Uyoziphilisa ngenzuzo yezikhwepha  
 – uyodla ngenkemba.

<sup>30</sup> *Gen 27,36: Igama likaJakobe lizincazelo ziningi: NguMbambi-sithende (Gen 25,26) noMkhwabanisi (qhathanisa: Hoziya 12,4; Jer 9,3; Gen 27,46 noGen 26,34 -- .*

Uyomkhonza umkothamele umnawakho.  
 Uyogcina nokho udlubulundele,  
 wakhululeka ejokeni akucindezela ngalo!" ... ..

**41**Wayelokhu engakaxoli uEsawu kulobu buqili ayebenzelwé ngumfowabo uJakobe. Wamsongela wathi uselindénje kusithele ikhehla ellinguyise, aziphindisele.

**42**Kwabe akakuzwile lokho unina, uRibheka, wabiza uJakobe, wamdonsa ngendlebe, ethi: „Wafa! Umnewenu uyakusongela, ufuna ukuziphindisela akubulale. Lalela ke, wenze njengoba ngikutshela: Baleka uqonde eHarar. ... ..

## Isahluko samashumi amabili nesishiyagalombili

28

### washay' utshani uJakobe

**11** Kuthé sekuhwalala, wabona kungcono ukuthi asale esephumula, acambalale, kuleyo ndawana aficwé kuyo úkuhlwa. Ematshanani ayelapho wathatha lalinye, waqamela kulo.

**12-15** Ephusheni usebona elide ilele leli, eliye liyothinta esibhakabhakeni phezulu! Izigijimi zasezulwini - izingelosi - ziyehla ziyenyuka. Nango noSmakade emi kulo, ethi: „NginguSmakade, uNkulunkulu woyihlomkhulu, uNkulunkulu kaAbraham, uNkulunkulu kaYisaka. Lo mhlaba ophumule kuwo ngiyowabela inzalo yakho. Izizukulwane zakho ziyokwanda zibe ngangothuli lomhlaba, zenabe zifinyelele emagumbini onke omhlaba. Ezizweni zonke zomhlaba kuyothi uma abantu befiselana inhlanhla nempumelelo, bathi: `Sengathi iNkosi ingakubusisa njengoJakobe nenzalo yakhe! ` Ngiyokuvikela ngikuphephise, nakuphi nakuphi lapho uya khona ngikulondoloze, ngize ngiphinde ngikubuyise kuleli zwe uphephile. Angiyukukwenzela phansi. Ngiyokufeza konke engikwethembisa khona. »

**16-17** Phaphamiyane uJakobe! „Kwakhé uSmakade, iNkosi, kule ndawo ngingazi nje mina! Osondela lapha kufanele asondele ngenkulu inhlonipho nentobeko! Angiqambi manga: Kusenziweni likaSmakade lapha - emasangweni ezulu!”

**18** Ekuvukeni kwakhe ngakusasa, wathatha leli tshe ayekade eqamele kulo, waligxumeka, waliphasa ukuze lime, libe yisikhumbuzo; wayeseliconsisela ngoketshezi lwamafutha ayewaphethe okuluphawu lokudumisa uSmakade.

**19** Le ndawo wayetha igama elisha, iBhetheli; yayikade yaziwa ngokuthi kuseLuzi.

**20-22** Usefunga ke uJakobe ethi: „Uma uNkulunkulu engixhasa, engilondoloza nakule ndlela engikuyo, uma engondla, angembese aze angibuyisele ngiphephile ekhaya, sekuyoba nguyena kuphela onguNkulunkulu wami. Leli tshe engligxumeké ukubalibe yisikhumbuzo liyoba yinxiwa lakhe. Kukho konke angiphakhona, ngiyothatha okweshumi ngizikhonzele ngakho kuye.“

## Isahluko samashumi amabili nesishiyagalolunye

29

### Qhude manikiniki!

**1-3** Waluthatha ke uJakobe uhambo olubheké ngasempumalanga, ekha' konina. Langa lithize waze wafikela emthonjeni okwakuyaye kuhlangelele khona abelusi bonke besifunda nemihlambi yabo yezimvu, bezoziphuzisa. Babeyaye balindane, baze baphelele bonke, bese kuba yikhona begudlula itshe okwakuyaye kuvalwe ngalo umthombo, badedelane ngokuphuzisa imihlambi yabo. Ufika nje uJakobe umthombo usavaliwe.

**4** Usebabuza ke uJakobe ukuthi baliqhamukisa phi. „EHaran“ kuphendula bona belu. „Hawu! Niyamazi uLaban, indodana kaNahor?“ Bavume. ... ..

**9** Kuthé besaxoxelana nangempilo, qhamukiyane uRahel, indodakazi kaLaban, nomhlambi wakwabo. `Úyise wale ntombi ngumnewabo kaMama! Ufuyé kangaka?!´ esho ngomcabango. Useqonda emthonjeni, egudlula itshe, ethelela imfuyo kaLaban, iphuza. Wasondela kuRahel, wamanga. Injabulo yamlethela izinyembezi. Useyamtshele ke uRahel ukuthi uyindodana kaRibheka, owelamana noyise. Waphuthuma ekhaya uRahel, wafika waxoxela uyise le ndaba.

**13-14** „Indodana kadadewethu?“ kubuza uLaban ngokujabula. Waphuma wamhlangabeza. Babingelelana, wamanga, weza naye ekhaya. Wayikhininda ke indaba uJakobe, elanda nesizathu sohambo lwakhe. Ekukuzweni konke lokho uLaban, waphetha ngokuthi: “Sinyama nye, ngiqinisille!”<sup>31</sup>

<sup>31</sup>*Gen 29,14: Kule nkolo kwakuthi uma kucingwa ukuthi isintu sadabuka phi, kufuniselwe kuthiwe simsuka munye. Kwakuthathwa ngokuthi umuntu wesifazane wavela kowesilisa, yena okwakuthiwa wayedalwé kuqala kunaye. „Nyama yenyama yami; thambo lethambo lami“ yindlela okwakuchazwa ngayo ukuzalana nokuhlobana nokwazisana okukhulu. (Qhathanisa: 2,21-23).*

**15** Kuthé esehlanguanisé inyanga uJakobe kwamalumakhe uLaban, wayesemqonda nje uLaban, embuza ukuthi ngabe uzifisela holo lini kulokhu kusebenza kwakhe okungaka. **16**ULaban belu uzele; unezintombi ezimbili esezikhulakhulile, uLeya noRahel ngokwelamana kwazo. ULeya kwakungathi amehlo akhe awaphilile kahle; uRahel emuhle, engenamucu wacala. UJakobe wayezithandela uRahel.

**18** Usephendula ke kulo mbuzo kamalumake, ethi: „Ngiganisele uRahel! Ngizokusebenza iminyaka eyisikhombisa uma nje ungangethembisa ukungiganisela yena.“ Kwaba ùkuvumelana kwabo ke lokho.

**20** Yedlulisa okwezinsuku iminyaka eyisikhombisa! „Sishadise ke njengokwesivumelwano sethu. Sengiwufezile owami umgomo!“ kusho uJakobe.

**22** Wamema ke, wamema uLaban, wenza idili, kwashadwa.

**23** Kusihlwa usekhokhobisa uLeya, eyomfaka elawini; uJakobe useze ebona ngakusasa, eselalé naye ubusuku bonke, ukuthi kanti uthukuselwé okungenguye amfisayo.

**25** „Usukwenzelani ke lokhu?“ ebuzo umalumakhe.  
„Iminyaka yonke lena ngisebenza nje, ngisebenzela ukuganwa nguRahel, njengokwesivumelwano sethu. Buqili buni lobu osungenzela bona manje?“

**26** “Ngesiko lakithi phela kuyaye kukhishwe kuqala endala ngaphambi kwencane.” Kuchaza uLaban. “Zithokozise nje ke wena iviki nalona engikuniké yena; uzothola ke nalona omunye emva kwalokho. Usuzomsebenzela ke naye iminyaka eyisikhombisa.”

Kwaba njalo ke.                                 ...                                 ....

**30** Ekupheleni kwesonto uLaba wamnika uRahel njengokwamazwi akhe. Walala naye uJakobe, kwaba ngumkakhe; wayemthanda kakhulu kunoLeya<sup>32</sup>. Waqhubeka ke iminyaka eminye eyisikhombisa ekhonzé kwaLaban.

## Isahluko samashumi amathathu nambili

---

<sup>32</sup> *Gen 29,1- 30,24: Ukuthi uJakobe aganwe yizelamani akuhambisani nomthetho kaLevithiku 18,18; kubonakala sengathi isithembu esinjalo sasingaxwaywé muntu nokho. Mayelana namadodana ezigqilikazi: Ngokwenqubo yakhona umfazi wayededela umyeni wakhe akhulelise isigqilikazi sakwakhe uma yena engatholi mntwana. Abantwana abavela lapho ngabakhe nomyeni wakhe. Uma kwethuka kwenzeka ke ukuthi agciné esetholé abakhe, sasikhululwa ke isigqilikazi lesa, umyeni wakhe asinike iziphos ezithile, siphume sihambe nabantwabaso. (Qhathanisa: 16,2).*

## UJakobe ubuyela ekhaya<sup>33</sup>

**3-5** UJakobe wathumela izigijimi kumfowabo uEsawu ezintabeni zaseSeyiri kwelaseEdom, wathi zifike zithi: „Uyakhuleka kuwe umfowenu uJakobe, uthi: `Sonke isikhathi lesi bengile kwaLabani; sengiyabuya ke manje. Imfuyo ingivumile. Nginezinkomo, izimbongolo, izimvu, izimbuzi, izigqili nezisebenzi. Ngiyakhonza kakhulu. Ngethemba ukuthi uyongamukela ngesihle. `”

**6-8** Ekubuyeni kwazo izigijimi zibika ukuthi uEsawu uyazilandela, uhlangabeza umfowabo, uphelekezelwa amakhulu amane abantu. Kwamethusa lokho uJakobe.

Useyehlukanisa kabili imfuyo nabamphela kezelayo, enzela ukuthi uma uEsawu mhlawumbe ekhiphela ulaka lwakhe kuye, kube khona ingxenye esindayo.

**9-12** Usethandaza ke ethi: “Nkulunkulu wokhokho, Nkulunkulu wobaba, Nkulunkulu kaAbraham, Nkulunkulu kaYisaka, wakhuluma, wathi kimi: `Phindela kwelakini, kwenu; ngiyakukuvikela, ngiyakuhlenga. ^ Nkulunkulu wami, bengiyini mina ukuthi ungenzele ubuhle obungaka, ufeze ngami izethembiso zakho? Ngibuya ngiqhuba imfuyo eningi kangaka namuhla; ngangilathazela nje ngingenalutho ekubalekeni kwami, ngeqa iJoldani. Ngihlenga ke, Nkosi, nakulokhu olakeni lomfowethu uEsawu! Ngiyesaba. Ngenqena ukuthi uzosibulala sonke - nabafazi nezingane. Wawungethembisile nje, Nkulunkulu, wathi: `Ngiyokuhlenga ngikuvikele. Inzalo yakho iyoba ningi yedlule uthuli lomhlaba. `”

**13** Wabona kungcono uJakobe ukuthi ngalelo langa asale eselalela khona ngapho; indlela ayiqhube ngakusasa.

**14-15** Usethatha ke ingxenye yemfuyo yakhe, eyihlomulela umfowabo: Amakhulu amabili ezimvu kanye namakhulu amabili ezimbuzi nezimpongo ezingamashumi amabili nezingama ezingamashumi amabili; amakameli esikazi angamashumi amathathu namathole awo nezinkomazi ezingamashumi amane nezinkunzi eziyishumi; izimbongolokazi ezingamashumi amabili nezeduna ezilishumi.

**16** Usethi ke eseyicanile imfuyo yakhe, usethuma izinceku zakhe ukuthi ziyiqhube, zihlangabezane noEsawu, waziyala ke nokho ukuthi zihambe ngokushiyana, kube nebanga phakathi kwemihlambi ngokulandelana kwayo.

## UJakobe ushikashikana noNkulunkulu izibhodongo

**22** Kwamabili wavuka uJakobe, wathubelezisa umuzi wakhe wonke ngomnyama, wayowuwelisa enhlana nomhoshana iYabhoki: Bobabili abafazi bakhe nesithembu

---

<sup>33</sup> *Gen 32: Emva kokuba uJakobe esekhonzé iminyaka eminingi, esebenza kwaLabani, kwafika isikhathi sokuthi amabombo awabhekise lapho ayeqhamuké ngakhona. Imfuyo okwasekungeyakhe yayisibulala inyoka; wayeyizuzé ngokukhuthala kwakhe kanti ke futhi nangamaqhingaqhinga ayehlala ewenza. Abafazi bakhe nezimpelesi zabo zombili basebemzalelé amadodana ayishumi nanye aziwa emlandweni ngokuthi angokhokho besizwe sakwalzrayeli: oRubeni, oSimyoni, oLevi, Juda, Dani oNaftali, oGadi, oAashi, nolsaka, noZablani, noJosefa <ngokuhamba kwesikhathi kwelanyaniswa ngothumbu, uBhenjamini>. Uthini nje nempela ebona lona amethembisa okukhulu wambusisa - embona ebuya emva kobunzima obungaka ekuhambeni, ebuya kungeyikho ukuthi usengcwele njalo, engasoze futhi abamsulwa nanini nanini?*

sonke namadodana onke ayishumi kanye nemfuyo - wabawezela emazibukweni angaphesheya bephephile. Wasala yedwa ke manje.

**23** Nqwamaniyane nomlisa othile!<sup>34</sup> Dididi; kwaba umshikashika - ongaphansi ongaphezulu - ubusuku bonke! **24-25** Kwathi uma ebona ukuthi nakhu kuzoze kuse bebambene, wayesemvuthela ngesibhakela esihoxeni esisenhla kwenyonga, wamthenga amandla: **26** "Ngidedele bo; nakhu sekusile!" Phinde! Wema nje ekutheni uJakobe: "Ngibusise kuqala ngaphambi kokuba ngikudedele!"

**27-28** Usebuza ke lo mlisa: "Ngubani igama lakho?" Usemphendula uJakobe, ethi: "NguJakobe!" Usethi ke lo mlisa kulokho: "Sengikwetha elinye ke manje, osuyobizwa ngalo nangomuso. Ulwé nabantu, washikashikana noMvelingqangi, wagcina unqobile! Usuyobizwa ke ngokuthi unguIzrayeli!"

**29** "Elakho ke lona igama lithini?" kubuza uJakobe. Wenqaba ukulisho. Wambusisa.

**30** "Ngibonané noNkulunkulu ubuso nobuso, ngedlula ngaphila!" kuzibabazelela uJakobe kulokho. Useyibiza ke le ndawo ngokuthi kusePhenuweli.

**31** Ngokuphuma kwelanga wasuka ke lapho, kungahambeki kahle ngenxa yezidubulu ngasenyongeni. Wawelela phesheya kweYabhoki. **32** Kuze kube namhla lokhu abakwalzrayeli bayawuzila, abawudli, umshipha wenqulu osesihoxeni senyonga ngoba umlisa lowo wambamba waze wayomphatha kulowo msipha ukhokho wabo uJakobe.

## Isahluko samashumi amathathu nantathu

33

### UJakobe uhlangatshezwa ngumnewabo uEsawu

**1-3** Wayeseqhamukile uEsawu noquqaba olumphelekezelayo - amakhulu amane! Wangenwa luvalo uJakobe. Okuyizinganyana wakuqoqa konke, wathi kungasuki eduze konina. Isithembu nabantwabaso wasiqhuba phambili, walandelisa uLeya nabantwabakhe, wavala ngoRaheli noJosefa. Wayesebahola ke yena; ewa evuka kwaze kwaba kasikhombisa, ehlangabezana nomfowabo.

<sup>34</sup> *Gen 32,25-33: Kule ngxoxo kuxhunywé izingxoxo ezintathu: 1. Ukwethiwa kukaJakobe igama elisha lika-Izrayeli (qhathanisa: 35, 9 --); 2. Incazelo yokuthi lavelaphi igama lendawo iPhenuweli (uBuso-beNkosi); 3. Incazelo yesiko lokuwuzila umsipha osesihoxeni esiqondene nenyonga (umthondo). Lo "mlisa" kwakufuniselwa emandulo kuthiwe "ngumoya omubi" owawuyaye ujumane uma kulele inkungu; kwahamba kwahamba kwagcina sekuyaye kuthiwe kwakunguNkulunkulu uqobo, noma ke isithunywa sakhe - ingelosi.*

**4-5** Kubé ùkuhlangana kwabo nje, uEswau wamemukela ngenjabulo, wamanga; zehla izinyembezi zentokozo. Uyamangala nje ke uEsawu umfowabo esefika nesithembu nabantwana abangaka! „Aizipho zeNkosi zonke lesi!“ kuphendula uJakobe. **6-7** Basondela ngamunye ngamunye kwaze kwagcina uLeya nabantwabakhe noRaheli noJosefa; babingelela beguqile.

**8** „Le mihlambi yemfuyoongihlangabeza ngayo ùth angiyenzi?“ kubuza uEsaw.

„Lubadlana nje engizishwelezela ngalo ekubonanneni kwethu ukuze ungemukele ngomusa.“ Kuphendula uJakobe.

**9** „Kahle wena bo ukungibhedela! Imfuyo nami nginayo; angeswele!“

**10-11** „Vuma bo ngikuthkozise nami!“ kuncenga uJakobe. „Uma ungangibambelegqubu kukho konie okwenzekayo, yamukela lolou badlanda engilwethula kuwe ungithokozise ngalokho. Ekukuboneni kwami kubé sengathi ngibona uNkulunkulu uqobo; ubé nomusa omkhulukabi kimi! Yamukela ke mfowethu umngendandlini wami. Usmakade ungiphé inhlanhla emangalisayo kukho konke ukuhamba nokwenza kwami, wangipha umnotho.“ Wamzoba uJakobe umfowabo waze wagcina emehlulile; wasivuma isipho asinikwayo.

**12-13** Uesawu usethi: „Asihambisane!“ Ingani phela indlela inye. Aale uJakobe, ethi: “Ùyazibonela nje nawe, mfowethu, kulubeka laphokuluthathé khona okuyizingane lokhu; kanti ke futhi kukhathele. Kufanele kanti ke futhi ngiqaphele ukuthi ngingazikhandli izinkomazi nezimvukazi ezincelisayo; sizicathulise nje ngesineke. Kungebe kuhle uma sezingifela lapha ngenxa yokukhathala. Hamba nje wena, mfowethu, siyeza siyakulandela; siyoficana eSeyiri.”

**14-15** UEsawu athi ke: “Ngizokushiyela ingxenye yalaba abangiphelekezelayo, bahambisane nani.” Ale apethe nalapho uJakobe, athi: “Mfowethu, anele umusa osungenzele wona!”

**16** Usephindela eSeyiri ke uEsawus; uJakobe yena waqhubekela eSukothi, lapho afike wakha indlu nezibaya ezifulelwé ngezicedphu zamahlamvu - yaingakho nje ke naleyo ndawo seyabizwa kanjalo. Wagcina ezé wafika ephephile ke uJakobe emzini waseSkhemu kwelaseKhenani, ayesuké ePhadani kwelaseMesophothamya. Wagxumeeka amathende omuzi wakhe maduze nalapho; amadodana kaHamo, okunguyena owayephembéumuzi waseSkhemu, wawakhokhela intengo yesiza - amarandi ayikhulu. Wayeesakha ke ialthari - iziko lokukhonza nokuhlabela - walibiza ngokuthi “uNkulunkulu uyiNkosi kalzrayeli” .

Isahluko samashumi amathathu nesikhombisa

**3-4** Emadodaneni akhe onke uJakobe wayethanda kakhulu uJosefa, ozalwé muva nje, naye esezigugele. Yingakho futhi athi akathungelwe isembatho esihlotshiswé kahle. Abanewabo bathi uma bekubona konke lokhu, bangenelwa ùmona, bagcina bengasahoshelanismi kahle nomnàwabo.

**5** Sekwenzeka ke uJosefa usephupha iphupho elingejwayelekile. Kwabe uzithele lapho ethi ulixoxela abanewabo! **6-7** “Aké nilalele phela. Ngiphuphé sengathi sisemasimini, siyavuna. Sesithi siyabheka, nasiya esami isithungo sesimi mpo! Ezenu zasikhothamela zonke ngothi lwazo!” **8** Lahlaba lephukela kubanewabo; bamhleka usulu, bembhinqa, bethi: “Uzocina uyinkosi phela manje; uzosibusa, ngiqinisile!” Wayesezonelé wagcina ngokubaxoxela lelo phupho.

**9-11** Dukuduku useqhamuka nelinye futhi elifuezé elakuqala: “Ephusheni ngiboné ilanga nenyanga nezinkanyezi ezilishumi nanye - zangikhothamela!” Noyise imbala akalithokozelanga neze ke lelo. Wathi: “Mbhedo muni lo owuphuphayo? Ungalutheki ucabange ukuthi uyihlo nonyoko nabafowenu bazokhothamela wena!” Bababi impela bo abanewabo kulokhu; noyise akalinambithisisa mpela iphupho lelo.

## Bamthengisela eGibhithe uJosefa abanewabo

**12** Kwase kwedlulé isikhathi eside abanewabo bakaJosefa bengasavelanga ngasekhaya; babelusela kude, ngaseSkhemu.

**13** Uyise usethi ke: “We Josefa! Aké ngikuthume kubanewenu lapho belusele khona ngaseSkhemu.” Wavumela phezulu.

**14** Umthuma uti ke uyise: “Hamba, ufike ungizwele ukuthi baphila njani; ungibonele nokuthi konke kusahamba kahle yini ekwaluseni. Usheshe ke nombiko, Fana!”

Wasuka ke uJosefa esigodini saseHebhroni, ethuywé eSkhemu.

**15** Sekuthi esecingé wacinga ezinkalweni zaseSkhemu engabatholi, usebuzwa ngomunye ahlanguka naye ukuthi wehla enyuka nje ufunani. **16** “Ngicinga abanewethu; ngibonisele bo! Belusela ngaphi kanti?” **17** Apendule ke umlisa lowo, athi: “Washaya phansi! Sebasuka ngapha. Ngagcina ngibezwé bethi: `Sesiqondé eDonathi ke manje!`” Wanikela khona uJosefa; nebala wabafica.

**18** Usondela nje kubanewabo, kade bembonile bona esebuzama; bayamsongela ke manje, bacebisana ngesu lokumenza isilo sengubo. **19-20** Bayambhinqa kunjeyá! “Nizobona kahle nina: Sekufiké ukhukhuva lwesangoma manje - umchazi-maphupho! Asimgunye, simshuphule, simphose emgodini bese sithi udliwé yizilwane zasendle. Sesiyobe siphumule kule mbude yamaphupho akhe!”

**21-22** URubeni ke yena kodwa wayehlosé ukumhlenga umnawabo uJosefa. Usethi ke: “Kahleni bo! Ningambulali! Ningalokothi nichithe igazi! Okungenani ningamgalakadisela emthonjeni kude le ehlane; kodwa ningamlimazi!” Usho lokhu nje, wethembé ukuthi uyophenduka ngasese ayomntshontsha, amkhokhobise, amphindisele kuyise.

**23-24** Wazithela uJosefa! Bamdumela, hlubuliyane isevathwanyana sakhe sakwanokusho ababevele benomhawu ngaso, bamgalakadisela kwalasha. Ngenhlanhla wawungenamanzi umgodini lowo. **25** Sekuthi sebezihlalele nje ke, bedla, sekuqhamuka uxhaxha lwamakameli abahwebi bakwalshmayeli. Bavela kwelaseGiliyade, balibhekisé eGibhithe; bathwele inhlaka eyigugu, edulayo<sup>35</sup>.

**26-27** Usethi ke uJuda kubafowabo: „Bakwethu, akuyikusibuyisela lutho ukubulala uJosefa; siyobe sizethwesé icala lokuchitha igazi nje ngalokho. Owami umbono ke uthi: Singambeki isandla; ngumfowethu lo! Okungenani asithengise ngaye kulamalshmayeli!“ Bavumela phezulu.

**28** Kwaba ukuthengiswa kwakhe ke lokho uJosefa: wenyulwa, wakhishwa odongeni ayekade egalakadiselwé kulo. Akhokha izinhlamvu ezingamashumi amabili zesiliva amalshmayeli, edlula naye, aqonda eGibhithe.

**29-30** Wathukuthela wathelwa ngamanzi uRubeni engasamtholi uJosefa emgodini ababekade bemkhalakathiselé kuwo, waze wadabula nalokhu ayekwembethe emzimbeni ngokudumala. Wanikela kubafowabo khona manjalo, wababikela: „Akasekho umfana emgodini! Ngiyoshonaphi we babo!“

**31-32** Sebevumelana ke ngokuthi abahlabe imbuzi, bacwilise isembatho sikaJosefa egazini bese besithumela kuyise, bafunisele, bathi, “Uthi akusilo nje ijazi lendodana yakho leli? Silitholé ehlane ekwaluseni!” Nebala.

**33-35** Uthi uma elihlolisisa uJakobe, ethuke; usememeza ke ethi: “Yilo! Ngelakhe! Udliwe ngamankentshana umntanami! Ufile!?” Wakudabudabula nje okuyizimpahlanyana ayekwembethe ngentukuthelo, wabhinca isidwejana nje okhalo, elila esingapheli. Wakhala zoma; kwathi noma abantwabake bezama ukumduduza, kwafana nje. Wayelokhu ephindile nje, ethi: “Sengiyophunyuzwa yikho ukuthi nami kungifice, ngigoduke, ngiyohlangabezana naye kwelabaphansi!” ...

... ..

---

<sup>35</sup> *Gen 37,25: Leyo yinhlaka enephunga elimnandi, eyayisetshenziswa ekwenzeni isibunge nasekuthakeni amfutha okuthoba izidubulu.*

## Isahluko samashumi amathathu nesishiyagalombili

38

## Umfelokazi ulwelwa ilungelo lakhe

1 Wehlukana nabafowabo uJuda, wehlela kwelasezansi, lapho afika khona wayozihlalela noHira waseAdulam. 2 Yilapho ke abona khona indodakazi kaShuwa owayengumKhanani, wayisondeza yaba ngumkakhe. 3 Yakhulelwa, yathola umfana, wamqamba elithi nguEr. 4 Yaphinda futhi yakhulelwa, yathola indodana yesibili, yayetha elithi nguOnan. 5 Yaqhubeka, yathola indodana futhi, yayibiza ngokuthi nguShela. UShela uvela nje uJuda ulé eKhesibi.

6 UJuda wathathela uEr, indodana yakhe yamazibulo, umfazi, uThamara. 7 UEr, izibulo likaJuda, akathandekanga kuSmakade, washona. 8 Wayesethi uJuda kuOnan: “Umnewenu umshiyé engenamntwana umkakhe. Mngene, utholele umnewenu inzalo.”

9 Wayazi uOnan ukuthi akuyikuba yiyo eyakhe leyo nzalo; yingakho njalo nje uma esocansini noThamara ayeyaye aqakamelele ukuthi athundele phansi ukuze angamkhuleliseli umnewabo. 10 USmakade akakuthandanga lokho; washona noOnan.

11 Usethi ke uJuda kumalokazana wakwakhe, uThamara: „Phindela kwenu njengomfelokazi, ulinde aze akhule lo mfanyana, uShela.” Eqinisweni wayenqena, ezifisela ethi: „Cha, ngingagcini sengilahlekelwe nangu lo njengabanewabo!” Wazihambela ke uThamara, waphindela kwabo.

12 Dukuduku shoniyane umkaJuda, indodakazi kaShuwa. Emva kwesikhathi senzilo, waphuma uJuda ehambisana nomhlobo wakhe uHira waseAdulam, beyohlola abagundi bezimvu zakhe eThimna.

13 Wathi uma uThamara ezwa ukuthi uyisezala usendleleni, uqondé eThimna, 14 wayibeka phansi inzilo, wahloniphisa ubuso ngemvakazi, wabugubuzela, wayozihlalela empambanweni yemigwaqo eqondé eThimna nase-Enayim. Wayazi ukuthi uShela usekhulile kodwa selokhu kuwumzuzukuzuku nje ukuthi kanti uvunyelwa nini amngene, abe ngumkakhe<sup>36</sup>.

15 Uma uJuda embona ehleli empambanweni yemigwaqo, ucabanga ukuthi uzibonela isifebe nje. 16 Waphambukela kuye, wathi: „Sondela, silale!” Akaboni ukuthi ngumalokazana wakhe lo. “Uzonginikani?” kubuza uThamara.

17 Wathi: “Ngizokuhlomulela izinyanyana emhlanjini wami, ngikuthumelele.” Wavuma, ethi: “Shiya isibambiso!”

<sup>36</sup> *Gen 38,12-26: UThamara ulwela ilungelo lakhe njengomfelokazi ngokwesiko okufanele angenwe akhuleliswe ngowozalo. UJuda uhambela kude, akafuni ukufeza le nkambo yesiko okufanele ilungiselelwe nguye. (Qhathanisa: Dtn 25,5-10; Ruth 2,20; 3,9.12-15; 4,1-14).*

18 "Ngingabambisa ngani?"

"Ngalesi siphandla ohlala usiphethe esinendandatho yakho kanye nangalolu dondolo lwakho olubazwé kahle!"

Wamnika uJuda, balala, wakhulelwa. Basukuma, waqonda kwabo, wabeka phansi imvakazi, wembatha inzilo futhi.

20 UJuda wathumela umngani wakhe waseAdulam nezinyane ukuthi ayolanda isibambiso lesa; lutho, akamthola lowo mfazi. 21 Usehla enyuka e-Enayim umhlobo lo ehamba ebuza, ethi: "Ngiboniseleni bo ngomkhokheli\* ovamé ukuhlala lapha empambanweni yemigwaqo!" balandule, bethi: "Awu, akukaze kubekhona sangoma\* esihlala lapha!"

23 "Angisale sengisiyeka, sizigcine izimpahla zami engabambisa ngazo" kusho uJuda. "Ngizoze ngingene ehlazweni, ngibe yinhlekisa, uma ngiqhubeka ngifunana naso. Ngizamile ukusithumelela izinyane laso, angasithola. Yeka!"

24 Zedlula zacishe zantathu izinyanga, uJuda wayesethola umbiko, kuthiwa: "Umalokazana wakwakho uyandinda; usezé wamithela khona!" Waphendula eshesha, wathi: "Mqhubeni, nimlethe lapha, simgwebe, ashiswe!"

25 Kusenjalo waphuthumisa kuyisezala uThamara isibambiso lesa, wathi: "Aké ubheke ukuthi ngekabani le mpahla: Le ndandatho kanye nalolu dondolo. Ngikhuleliswé ngumnini wazo."

26 Uthé uma eqeda ukuyihlola le mpahla yesibambiso uJuda, wathi: "Nebala! Kunjalo! Liyamthetha icala; liyangilahla mina. Kungenxa yokumvimbela kwami ukuthi angenwe yindodana, uShela."

Wathathwa nguJuda uThamara, waba ngumkakhe; akaphindanga nokho futhi alale naye.

27 Ngokusondela kwesikhathi sokubeletha, kwasolakala ukuthi kuza amawele. 28 Kuthé esebeletha, lavela ngesandla elokuqala. Umbelethisi wathatha umchilo obomvu, waligqizisa ngawo esihlakaleni, wathi: "Ngelokuqala leli!" .

29 Lase lisigodla futhi isandla elokuqala, kwaphuma kuqala elesibili. Umbelethisi wathi: "Wadlubulundela! Ujahephi?". Baletha elithi nguPheresh.

30 Lalandela ke elinomchilo obomvu esihlakaleni. Balibiza ngokuthi nguSilaha

## Isahluko samashumi amathathu nesishiyagalolunye

39

### Useboshelwani ke manje uJosefa ?

**1** Aze afika naye eGibhithe ke uJosefa amalshmayeli emva kokuba emthengé kubanewabo. Afika amdayisela isakhamuzi sakhona esasimi kahle saziswa kakhulu, uPhothifa, induna yemilindankosi kaFaro.

**4-6** OkaJosefa ke umsebenzi wawusendlini; ehlala eseduze kukaPhothifa njalo nje. INkosi yamupha isandla; kwakuphumelela kahle konke ayekwenza. Kwamgculisa lokho uPhothifa. Wamkhuphula uJosefa esikhundleni, wamnika izihluthulelo zomuzi wakhe. Wamethwesa igunya lokulawula nangomnotho wakhe. Yambusisa uPhothifa iNkosi ngalokho: Ngenxa kaJosefa yavamisa inala ngisho nasemasimini. UPhothifa wasizakala impela nje ngoJosefa. Yena wayesebhekene nokuzifunza nje kuphela!

**7** Kwenzeka konke lokhu nje umkaPhothifa uyamhalela uJosefa lo. Ulele engalele.

Dukuduku nangu esembizela nxanye, esemnqumela eduze: “Sondela ungenqeni, Sthandwa. Asishiyelane ugwayi!”

**8-9** Wala waphetha uJosefa, wazihlangula, ethi: “UBaba uPhothifa wangethemba, wanginika amalungelo onke emzini wakhe; wangigunyaza nakwezomnotho wakhe ukuze ngilawule njengaye kukho konke. Kunye kuphela engingenalungelo kukho: ngumkakhe. Sengizosuka ke mina manje ngenze ububi obedlulele, ngidumaze noNkulunkulu iNkosi yami? Phinde!”

**10** Yamzoba inkosikazi uJosefa, ayamnika sithuba. Yayibamboné nje iqale phansi futhi, imncenge; agcine nokho enqabé waphetha.

**11-12** Langa limbe ezisebenzela nje uJosefa endlini, yafika futhi.

Babobabili nje ke namuhla, akukho omunye futhi. “Ngenze wena bo!” isho ifuna lokho phela inkosikazi. Yamphuthuma ifuna ukumsondeza. Wahluthuka uJosefa ezandleni zayo, waphulukundela, zaya. **13-18** Isembatho sakhe sasala kuyo isinkonkoshele ezandleni.

Wampongoloza umfazi, wawuhlaba wawulawula umkhosi: “Yekelelani bo!” esho ephindelela. “Ngafa yiziga zalomHebheru! Uyangidlwengula!”

Alabe lisasuka ke esandleni sakhe ibhantshi likaJosefa kwaze, kwafika umyeni wakhe. Usembikela ke ngalesi sisebenzi somHebheru abalethela sona, ethi besithi siyamenzakalisa, wasinda ngokumemeza, asethuse, sabaleka. Usefakazisa ngesembatho saso.

**19-20** Wadumala futhi wathukuthela washada nonwabu uPhothifa ekuzweni lokho. Kwaba ukuboshwa kwakhe ke lokho uJosefa.

**21-23** Ejele nokho iNkosi yaba naye. Umantshingelane owayebagada waba nomusa kuye, wambeka induna kwababeboshwé naye. Kwakulawulwa nguye konke okufanele bakwenze, bemelelwa nguye. Obaphethe wakhombisa okukhulu ukumethemba uJosefa. Kwakungathi uyabona ukuthi iNkosi inaye, iyayichumisa imizamo yakhe.

## Isahluko samashumi amane

40

### UJosefa ejele

**1-5** Dukuduku sekuboshwa izethenjwa ezinkulu zikaFaro: obhaka izinkwa nophethe bonke abapheki noweta basebukhosini. UFaro wanquma ukuthi baboshelwe kuleli jele eliphansi kwenduna yemilindankosi. Bazithela kuJosefa; ophethe wabethula kuye.

**6-7** Sekuthi ke ngobunye ubusuku yilowo nalowo wabo usehlelwa yiphupho. Kuyasa ngakusasa uJosefa uyabona ukuthi kukhona okungabaphethe kahle. “Naphukula nje kwenzenjani?” Uyababuza.

**8** “Sinephupho lapha esingazi ukuthi singalichazelwa ngubani. Singamtholaphi nje ejele ongasisiza kulokho?”

“NguNkulunkulu kuphela owazi incazela yamaphupho!” kuphendula uJosefa. Useqhubeka ke ethi: “Xoxani ngizwe. Lithini?”

**9-11** Kwaqala induna yabapheki nabaphaki ngelayo: “Ngiphuphé ngibona umvini. Lo mvini ke unamatsha amathathu nje kuphela. Ngiwubona uyahluma uze uyakhahlela, uyathela. Esandleni ngiphethe indebe okuhlale kuphuza ngayo uFaro. Sengisondela ke nayo emvinini, ngikhamela kuyo izithelo zomvini, ngiyedlulisela kuFaro.”

**12-14** Ulichaza kanje ke uJosefa lelo: “Amagatsha amathathu lawo yizinsuku ezintathu. Osukwini lwesithathu kusukela namuhla uFaro uzokudedela ejele, akukhuphule esikhundleni obukade usiphethe. Indebe aphuza ngayo useyophinde futhi ayemukeliswe nguwe njengakuqala! Ungangikohlwa ke, Mfowakithi, uma sekukulungele.

**15** „Ngikhulumele lapho kuFaro ungincome ukuze angilande lapha. Ngiboshelwe amahhala. Ngagetshengwa ngakhishwa ngobuqili kwelakithi, kwelamaHebheru; nalapha eGibhithe angoné lutho njengoba sengigqunywe ejele nje!”

**16-17** Nombhaki wezinkwa uthé uma ezwa ukuthi iphupho lalona omunye lichazwa kanjani, wayesethi: „Nelami licishe lifane nalo lelo: Ngiphupha ngithwele iziqabetho ezintathu ekhanda, ngizelakanyanisi; zigcwele amagadangane nezinkwa, ziqongile. Kwesokugcina phezulu yizinkwa zikaFaro. Ohamukiyane izinyoni, zaphangelana ngazo, azashiya lutho!“

**18-19** Kulelo ke wamnika incazelo ethi: „Iziqabetho ezintathu yizinsuku ezintathu. Ezinsukwini ezintathu ezizayo uFaro uzogena ikhanda lakho, liphanyekwe emthini, zifike izinyoni, zisine zizibethele!“ **20** Kwaba njalo ke: Ezinsukwini ezintathu ezilandelayo uFaro wayegubha umkhosi wosuku lwakhe lokuzalwa. Wamema zonke izikhulu neziphathi-mandla zakhe, kwabuswa. Usethumela ke ukuthi alethelwe lezi ziboshwa zakhe ezimbili ukuze azixolele, azidedele bebona nabazombungaza.

**21-22** Zalethwa ke: owayekade ephethe abapheki nabaphaki kanye nowayengumbhaki wasebukhosini.

Yabuyiselwa esikhundleni sayo induna yabapheki noweta, kwaba yiyo futhi osekufanele yemukelise uFaro indebe yakhe yokuphuzwayo. Wayigweba intambo, yanqunqwa khona lapho lena enye eyayikade ingumbhaki wakhe. Yagcwaliseka incazelo kaJosefa.

**23** Kwathi kungayilungela induna leyo, ayabe isamkhumbula uJosefa.

## Isahluko samashumi amane nanye

**41**

### Amaphupho kaFaro: inala nendlala

**1** Kwedlula yamibili iminyaka uJosefa esejele, kwabikwa ukuthi uFaro ubenephupho angaliqondi:

**2** Uphupha emi ogwini lomfulakazi iNil. Usebona kuphuma izithole eziyisikhombisa emanzini, zenyukela ogwini, zidla satshanyana emhlangeni. Zazibukeka kahle, zondlekile, zikhuluphele.

**3** Kuthé kusenjalo kwavela ezinye eziyisikhombisa khona lapho emanzini, nazo zenyukela ogwini, zema eduzane nje kwalezi zakuqala. Lezi ke zona zondile, azizinhle.

**4** Seziphendukelana ke: Ezondile zisukela ezikhuluphele, ziyazilwisa, zagcina zizishayé zazibhuqa zonke, nya!

Waphaphama uFaro.

**5-6** Buthé uma buphinda bufika ubuthongo, laqhubeka lelo phupho: Manje ke usephupha ebona kuhluma izikhwebu eziyisikhombisa ohlangeni lulunye. Zizinhle. Khona lapho nje sekuhluma ezinye futhi eziyisikhombisa. Zona ke zingezinhle. Lezi ezingezinhle sezigwinya ezinhle.

**7** Phaphamiyane uFaro! Lamakhathaza leliphupho.

**8** Usethumela ke ngakusasa, kwabizwa izangoma nezazi zonke kwelaseGibhite, wazixoxela iphupho lakhe, ethembé ukuthola incazelo. Phinde!

**9-13** Induna yabaphathi-zitsha yabheka yabheka, yagcina isondele, yayisithi kuFaro: “Aké ngikhumbuze inkosi yami, uFaro, namuhla iziphambeko zami ezikhathini ezedlule:

“Busuku-buthile silapho yilowo nalowo wehlelwa yiphupho.

“Ejele ke lapha siboshwé nokungumlisa womHebheru okwakukade kusebenza emzini wenduna yemilindankosi. Sesikuxoxela ke ukuthi siphupheni; kwasichazela ngamunye-ngamunye ukuthi amaphupho ethu aquketheni. Nebala; kwenzeka konke njengencazelo yakhe: inkosi uFaro yangibuyisela mina esikhundleni engangikade ngikuso. Engangiboshwé naye wagwetshwa intambo njengoba ayeshilo umHebheru lowo.”

**14** UFaro wathumela izigijimi, walandwa eshesha uJosefa ejele. Wagezwa waba muhle, wagundwa, washefwa, wagqokiswa okungconywa, waqhutshwa wayiswa kuFaro.

**15** Usethi ke uFaro kuye: “Nginephupho lapha engingaliqondi; liyangikhathaza. Angitholi-muntu ongangixazululela, angichazele lona. Ngizwé kuthiwa ungumpetha wena kulokho, wakuthwalela!” **16** “Badlala ngenkosi yami nje laba abathi ngingumpetha! Ngikwazelaphi?” kulandula uJosefa. „NguNkulunkulu kuphela ongachaza iphupho. Nguyenena kuphela onganika inkosi uFaro incazelo eyenelisayo.”

**17-21** Useyiqala phansi ke futhi uFaro indaba yephupho lezithole eziyisikhombisa ezondlekile, ziphuma emanzini omfulakazi iNil:

“Kuthé kusenjalo”, kuqhubeka yena uFaro belu, “memfu ezinye futhi eziyisikhombisa. Zazingondile nje zenyanyeka! Angikaze ngikubone okunjeya!

“Isisuka ke lemikhovukazi eyondileyo isimimilita lezi ezinhlekazi! Akwayisiza ngalutho nalokho; yalokhu yondile nje njengakuqala, ayazimuka! Ngaphaphama!”

**22** Wayeseqhubekela kwelezikhwebu eziyisikhombisa ezihluma luhlangeni lunye - ezinohlonze nezibhocobele. “Sengiqedé zonke izangoma ezikhona kuleli, asikho nasinye esingihlaziyela lenkinga!”

**25** Usethi ke uJosefa: “NguNkulunkulu lona ofika ngephupho, uzobikezela okuzokwenzeka. Eqinisweni linye leliphupho; awamabili. Incazelo inye:

**26-28** “Izithole eziyisikhombisa ezondlekileyo nezikhwebu eziyisikhombisa ezinohlonze zimele iminyaka yenala eyisikhombisa. Lezi zithole eziyisikhombisa ezondlekileyo nezikhwebu eziyisikhombisa ezibhocobele ke zona zimele iminyaka eyisikhombisa yendlala nesomiso. Njengoba ngishilo nje ke, iNkosi uNkulunkulu iluma uFaro indlebe, imbikezela okuzomehlela:

**29** “Kuzovama inala kulo lonke elaseGibhithe kuleminyaka eyisikhombisa ezayo. Kuthi kusuka kube kulandela iminyaka eyisikhombisa okuyobhoka kuyo indlela nesomiso, kube sengathi inala ayikaze ibe khona!

**30-31** Ububha nokweswela kuyowushaya kuwubhuqe nya wonke umnoshwana oyobe ungabe usasele, kubuse indlela engakaze ibonwe kulo lonke.

**32** “Kwakhona lokho nje ke ukuthi uFaro aze asiphuphe kabili lesi sibikezelo, kukhomba khona ukuthi uSmakade uzimisele ukuyifeza lenhloso yakhe.

**33-36** “Ngimnika lesi seluleko ke uFaro:

“Akafune umuntu okhaliphileyo, oneso kanti futhi onesandla, amgunyaze ukuthi alawule kulo lonke elaseGibhithe.

“Kuleminyaka yenala ezayo kuyofanele ukuthi ingxenye yesihlanu yaleso naleso sivuno yethulwe kuFaro njengentela. UFaro ke yena useyobeka izinduna emadolobheni nasemizaneni eyahlukene, okuyizona ke eziyokwemukela le ntela, ziyigcine ezinqolobaneni zesizwe. Iyothe iqambe ifika leminyaka yendlala ebikezelwazo, ibe isihlinzekiwe, singasekho isidingo sovalo lwenhlupheko engase ifike.”

## UJosefa isiphathi-mandla nekhono lakhe

**37-39** Abeluleki bakaFaro nabo bawemukela ngentokozo umbono kaJosefa; uFaro wayelokhu emtusé engaqedi, ethi: “Yisipho soMdali lesi! Ulwazi nenhlakanipho engaka! Akekho namunye ofuzé lo!” Abuye aphendukele kuJosefa luqobo, athi: “Hhayi! Wazembulelwa nguMvelingqangi uqobo izimfihlakalo zonke lezi. Wakupha nakho konke ukukhalipha anakho! Akekho ofana nawe kuleli!

**40-41** “Ngikubeka esikhundleni esisemqoka embusweni walo lonke elaseGibhithe! Uzoba yiphini lami, uhlonishwe yisizwe sonke, sikulalele. Amandla onke ngiwethula kuwe. Yisihlalo sobukhosi kuphela nje osekuyoba ngesami!”

**42** Ukugcizelela amazwi akhe uFaro wakhumula indandatho yakhe yobukhosi wayifaka emnweni kaJosefa, wamembesa isembatho selineni ecolisekileyo nomgexo wegolide. **43** Wamsondezela inqola ezihlalo-zimbili eyandulelwa yizigimi nezinhlabana-mkhosi ezimdedisela izixuku, zimemezela, zithi: “Vulani indlela, Bakwethu, dedani! Nangu uMhlonishwa!”

**44** Wamkhuphula uFaro uJosefa wamenza isiphathi-mandla embusweni wakhe wonke, wagcizelela, wathi: “UFaro yimi; kodwa olawulayo manje nguwe! Ngaphandle kwemvume yakho akukho noyedwa nje oyothe alokothe anyakaze nje

nakancane!” **45** Wametha elithi nguSafenathi-Phaneyakhe, wamganisela uAsenathi, indodakazi kaPhontifela, umphristi waseOni. Wenyuka kanjalo ke waba yisikhulu uJosefa kwelaseGibhithe.

**46** Wayeneminyaka engamashumi amathathu ubudala.

Usesuka phansi ke uJosefa ebophela, elihamba lonke elaseGibhithe ukuze alazi.

**47-48** Kwakusekuqaleni kweminyaka eyisikhombisa yenala nokunethezeka, amasimu eswele abavuni. Wagqugquzela impela uJosefa ukuthi lelo nalelo dolobhanyana liqoqele ingxenye enkulu yesivuno samasimu alo ezinqolobaneni.

**49** Kwakuyizindunduma ezehlula ukwenza! Bagcina bengasazikali nakuzikala ngoba kwakuyindathane.

**50-52** Onyakeni wokugcina ngaphambi kwesomiso nendlala uAsenathi wathola abafana ababili. “USmakade mkhulu: sengizé ngakhohlwa lonke usizi nesizungu sokukhumbula ekhaya.” kusho uJosefa. Waqamba indodana yokuqala ngokuthi nguManase; eyesibili wayinika elithi nguEfrayim, ethi: „Inkosi ingiphé inzalo ezweni lokuhamba.”

**53** Yathi ingedlula iminyaka eyisikhombisa yenala, kwavuka indlala yabelesela njengoba uJosefa ayebikezele. Kwabaliswa izwe lonke ngolaka lwesomiso.

**55** Kuthé ke sebeqalile abantu kulo lonke elaseGibhithe ukukhala ngendlala, uFaro wathi abatshelwe ukuthi abaqonde kuJosefa, babikele yena, benze njengokusho kwakhe.

**56** Wasethi ke uJosefa azivulwe izinqolobane, kodayiswe isivuno.

**57** Kwangquzuka nabakude bezothenga kuJosefa; yayihlasele wonke umhlaba indlala le!

## Isahluko samashumi amane nambili

42

### Unyawo alunampumulo

**1-2** Kuthé uma noJakobe kwelaseKhenani ezwa ukuthi balambé nje, ikhona impuphu namabele kwelaseGibhithe, waphendukela emadodaneni akhe ewagqugqumezela ethi: “Nalokhu nisakazé imibombo nje nina lapha, nilindeneni? Anizwa yini ukuthi eGibhithe kukhona amabele, sivinjezelwe yisomiso nje thina lapha? Phuthumani niyosithengela singaze sibulawe yindlala!”

**3-4** Baluthatha ke abanewabo bakaJosefa uhambo olubheké eGibhithe - ishumi lezinsizwa. Kwasala uBhenjamini nje kuphela ekhaya, indodana yamagcino kaRaheli. Wamgodla impela nje ke uyise, akavuma ukuthi bahambe naye, enqena

phela ukuthi angase naye avelelwe ngokubi. “Ukubona kanye ukubona kabili!” kugcizelela ikhehla, lenqaba ligomela.

**5** Babebaningi ababekhishwé yindlala emakubo kwelaseKhenani; kuyimishungu ngemishungu nje eyayibophele, iqondé kwelaseGibhithe. Angena ahambisana nabo namadodana kaJakobe.

**6-7** Bafika ke nabanewabo, bakhuleka. Uyababona uJosefa, bona kodwa abamboni ukuthi nguye. Wayeseqhubeka nje enza sengathi naye akabazi. Wabaphathisa okwezihambi nje angazazi.

“Niliqhamukisaphi ke nina?” ebuza ngokuzigqaja.

“KwelaseKhenani! Sizozikhalela bo. Sixoshwa ngumashaya-ndawonye! Aké nisithengisele okuya ngasethunjini. Safa!”

**8** Bakhuluma nje uyababuka uJosefa. Uyabona nokuthi lokhu bengaboni ukuthi bakhuluma nobani.

**9** Usekhumbula ke namaphupho akhe akudala nezincazelo zawo. Wabaphendukela, wabakhahla, ebaxozomisa, ethi: “Sukani lapha! Nithi nikhohlisa bani, nithi nizokwethekela? Niyizinhlozi nina! Amaphekulazikhuni! Niyahogela, nihlolisisa ukuthi singahlaseleka njani kalula!”

**10-11** “Shwele, Nkosi! Asiqambi manga. Sizokwethekela. Sixoshwa yindlala. Siyizelamani. Asisizo izinhlozi. Singabantu abethembekileyo; amadodana asende linye! Shwele, Baba!”

**12** Waphikelela uJosefa ebaxozomisa, ebasola: “Nithi nihlakaniphile; izigebengu lezi! Nizofokisa. Nihlolisisa ukuthi ningasihlasela njani nisehlule kalula!”

**13** Bancekuza beshweleza bencenga bethi: “Siyizinceku zakho, Baba. Sethembekile. Siyizelamani. Ubaba wakhé kwelaseKhenani. Sesisonke silishumi nambili. Uthumbu usele ekhaya. Omunye wakwethu ke yena kudala ashona.”

**14-15** Wema kulelo nje ke uJosefa: “Niyizimpimpi nina! Uma kuliqiniso lokhu enikushoyo, landani uthumbu lo enithi nimshiyé ekhaya, nimlethe lapha ngimbone. Ngaphandle kwalokho, ngeke ngisanidedela! Ngimfunge uFaro esaphila!

**16** Akuhambe abe munye alande lo enithi usele ekhaya, kesibone ke ukuthi ayonifikisaphi lamanga enu! Ngimfunge uFaro esaphila: niyizinhlozi nina, amaphekulazikhuni!”

**17** Wagcina ethé abavalelwe estoksini.

**18-20** Ngosuku lwesithathu wababiza wathi kubo: “Ngimkhonzé kakhulu uNkulunkulu mina. Lalelani lapha ke: Angifuni ukuthi babulawe yindlala emuva lapho niqhamuka khona. Uma ngempela ningabantu abethembekile njengoba nisho, shiyani abe munye wenu njengesibambiso lapha kimi, nihambe nonke nina abanye niphindele kini nokudliwayo. Kuyothi ke senibuya nalo thumbu enithi usele, ngikholwe ke yilokhu enikushoyo, lupheze ulaka lwami, nginidedele nonke ngesihle.”

**21** Bakuthakasela nokho lokho abanewabo.

Kuthe kusuka base bevukelwa yisazelo nje, beshaywa ùnembeza. Wezwa sebehomuzela nje behlebelana bethi: “Lobu bunzima esibuzwayo ùngathi bukhokhisa isibhongo ngobubi esabenza kumnawethu loyaya uJosefa osewaduka nezwe. Niyakhumbula? Kwathi nòma esekhala ezincengela, asakushaya mkhuba konke lokho. Washweleza ezikhalela, lutho ukuba simnake! Kubuya izimpendulo. Sekuyithi namuhla esetshwelezwa sizwiswa ubuhlungu!”

**22** Wabakhumbuza kulokho uRubeni wathi: “Nàla naphetha nginincenga ngithi: `Ningalokothi nimbeke isandla umfana!´ Kumnandi ke lokhu namuhla? Okukhulu kuseza; niyongibuza ningiphale ulimi!”

**23** Bakhuluma nje lokhu bengakaboni ukuthi lo Josefa abakhuluma ngaye nguye lo ababhekene naye manje. Bayazihhomuzela bayaqwayisana, abasoli nakusola ukuthi uJosefa lo angase ayiqonde inkulumo yabo. Inyani phela sonke isikhathi lesi uyahunyushwelwa uma ekhuluma nabo, wenza sengathi akabazi.

**24** Uthé esuka wayefikelwa yizinyembezi uJosefa, ekhala eze eshaywa yisibibithwane.

Wathi ukusithela kancane. Uthé esebuya nezinceku zakhe, wadumba wamunye phakathi kwabo, uSimyoni, bamfaka ozankosi, bamqhuba. **25** Wayesethi ezisebenzini zakhe azigcwalisele lezi zihambi zaseKhenani imithwalo yempuphu nekakolweni bese kuthi imali ezikhokhé ngayo ithukuzwe khona lapho esakeni ngalinye, ivalelwe phakathi. Wathi abenzelwe nomphako.

**26** Basikizela ke abafowabo nemithwalo yokudla nezimbongolo zabo amabombo sebewabhekisé ekhaya.

**27-28** Sekuthi sebebucanyanyana nje, sebelaba ikhefu. Usethi omunye wabo eqhaqha umthwalo ukuze acaphunele izimbongolo kezidle, usethola le mali abekhokhé ngayo! “Hhowu, aké nibheke: Lokhu okungumGibhithe kubuye kwangibuyisela yonke imali ebengikhokhé ngayo! ” esho ekhombisa abafowabo. Dlengelele. Bazibuza beziphendula: „Ingabe oPhezukonke usopheni ngalokhu?”

**29** Kuthé uma befika kuyise eKhenani, bamkhinikela zonke izigigaba zohambo lwabo.

**30** „Nalo mphathi-mandla wakhona ubengasesasele neze! `Niyizimpimpi nina; nginifunda nje emehlweni enu!´ Sesibathé siyaphika, siyashweleza, do!

**31-32** “Siyamtshela sithi singabantu abethembekileyo thina, amadodana andoda nye, siyizelamani, sesisonke silishumi nambili, oyedwa kodwa sewashona, uthumbu usele ekhaya.

**33-34** “Usethi ke asilande uthumbu lowo simlethe kuye ukuze akholwe lokhu esikushoyo. USimyoni yena ke wathi akasale abe yisibambiso. Okudliwayo usinikile nokho. Sathenga kwenela. Wasidedela sabuya.”

**35-36** Sekuthi ke sebeyethulile imithwalo, beyiqhaqha befuna ukuyithulula, yilowo nalowo useyithola futhi lemali abekhokhé ngayo ifakwé kulelo nalelo saka. Kwabaxwayisa lokho futhi. Noyise akwamthokozisa mpela. Wathi: „Baphela abantwabami yini! UJosefa akasekho! USimyoni naye futhi manje senibambisé ngaye le! Manje senilandé uBhenjamini?! Ngakubona ngakubeletha mina kababa ! »

**37** URubeni wazama ukumehlisa amaphaphu uyise emduduza emmisa isibindi ethi: “Yethemba mina, Baba. Uma ngingambuyisi ephila ephephile uBhenjamini, usungenza okubonayo ngalokhu okungabafanyana bami kokubili, uzibulalele nje uma uthanda! Yethemba mina, Baba. Ngizombuyisa ephephile!”

**38** Wala waphetha uJakobe.  
“Angimdedeli uBhenjamini ahambe nani!” kugcizelela yena belu. “Umnewabo uJosefa wafa. Ungowokugcina embadodaneni kanina, uRaheli. Nami sengizigugele manje. Uma evellelwa yingozi endleleni, ngiyoshonaphi? Kuyothi noma sengifa ngenxa yalokho, nginishiye nesikhulu isinyama lesi; ngiyanitshela!”

## Isahluko samashumi amane nantathu

**43**

### Sebephindela okwesibili eGibhithe abanewabo bakaJosefa

**1-2** Kwahamba kwahamba kwancipha manje lokhu kudla abanewabo bakaJosefa ababekade bebuyé nakho eGibhithe; indlala kodwa yayilokhu ibelesele, ingayekile. Usethi ke uJakobe emadodaneni akhe: „Phindelani eGibhithe niyosithenbela futhi okudliwayo!”

**3-5** Sekuphendula uJuda ke kulokho, ebakhumbuza ethi: „Wayegciné egcizelelisisiile umGibhithe loya ngokubuya kwethu kokuqala, wathi: `Ningalubeki lapha umfowenu omncane ningamphethe!` Ngeke ke, Baba, ulokothe usithume ngaphandle kukaBhenjamini; sihamba naye! Uma kungenjalo, asivele silukhohlwe nje ke lolu hambo!”

**6** „Yini laba enasilandela lolu tavatiya! Naiphoqwé ngubani ukumchakidela zonke izindaba nezingabuzwanga? Nanimasukela ngani senile nimxoxela ngomfowenu omncane?” kuthetha uyise.

**7** Bazamba zukuzivikela, behti: “Kwakubuza yena, Baba; ebuzisisa impela ngathi nangomndeni wonke. Uyihlo yena usaphila? Kubuza yena belu. Niphelele njengoba nilapha noma kukhona omunye osele? Saphendula ke nathi kokubuziwe; asaqamba manga! Sasingeke ke sazi ukuthiuyothiesuka abe esethi: Landani umfowenu lowo ke nimnlethe la!”

**8-10** UJuda useqhamuka nomunye umbono, esethi kuyise: “Mbeke esanndleni sami umfna; ngiyombheka kahle mina, abuye ephephile. Ngiyafunga; ngiyomgada. Kuyoba cicala lami ke uma evelellwa ngokubi, engaabuyi. Vuma, Baba. Ngabe sesibuya okwesibili manje ukuba asiilibele yile ndendende, sikhuluma singaqedi!”

**11-14** “Hhayi ke, Bafana, mthatheni nihambe naye.” Kuphendula ikhehla. “Ngingakhohlwa ukumphathela umngena-ndlini mGibhithe lowo: uju namantongomane ohlobo, amaphistatsi, namathunduluka nenhlaka eyigugu, imastiksi, itragakanti neladanum<sup>37</sup>. Niphathe imali eyanele, ephindwé kabili, ukuze nikwazi ukumbuyisela lena eyayishutheewé emithwalweni yenu ngephutha. Bese nithatha ke umfowenu uBhenjamini, ningene indlela. Ngiyakhuleka kuSomandla ukuthi angithambisele inhliziyo yomGibhithe lowo, nibuye niphephile noSimyoni noBbhenjamini. Baphela abantwabami ngibhekile!”

**15** Bayithatha ke imali nezipho, baphuma nomnawabo uBhenjamini, baqonda kuJosefa eGibhithe.

**16** Wathi uma ebona uJosefa ukuthi bafiké naye impela umnawabo uBhenjamini, wathuma isisebenzi sakwakhe, wathi: “Lezi zihambi zingenise kwami; sizodla nazo namuhla. Phuthuma uhlabane okuyithodlana, liphekwe!”

**17-22** Lwabashaya lwabeqa uvalo sebebona isisebenzi sibaholela emzini kaJosefa. Uthé ubezwa base behhomuzela, befunisela, bethi: “Kungenxa yale mali eyathukuzwa emithwaleni yethu. Azosikaka amaGibhithe, asishaye, asephu ce okuyizimbongolwana lokhu, sigcine sesiyizigqila!” Ngaphambi kokuba baze bangene ngesango, babuzisisa kulona obaqhubayo, bamchazela bathi: “Uxolo nje kancane, mfowethu: Asiqali thina ukuza lapha. Sesiké safika esikhathini esiphambili sizokwethekela khona lokhu okudliwayo. Sathenga, sakhokha, saqeda. Sithé sesisendleleni sibheké ekhaya, sathola imali esasikade sikhokhé ngayo ishuthekwe emithwalweni. Asazi ukuthi yangena kanjani nokuthi yafakwa ngubani. Siyiphethe ke njengamanje, siyayibuyisa. Siphethe nenye esizothenga ngayo.”

**23** “Ningesabi!” kuphendula isisebenzi. “Akulutho lokho. Unkulunkulu wenu, uNkulunkulu woyihlo, nguyena onithukuzele leso siphu emithwalweni yenu. Enakhokha ngayo ngayemukela mina, kwaphela nje ke!” Kuthé kusenjalo walanda uSimyoni, wamletha kubo. Wayesebatshela nokuthi bamenyelwe kwaJosefa ngalolo sukku, bayodla khona.

**24** Batatazelelelwa ke ekungeneni kwabo kwaJosefa: Kwaletswa amanzi amthuku ukuze basuse uthuli ezinyaweni, baziphumuze ekukhathaleni kohambo.

---

<sup>37</sup> *Gen 43,11: Yinhlaka enephunga elimnandi, eyayisetshenziswa ekwenzeni isibunge nasekuthakeni amfutha okuthoba izidubulu.*

Izimbongolo nazo phandle zafidwa kwanjeya! Baqhaqha imithwadolana yabo ke nabo, bachaya iziphonomngena-ndlini ababeweuphathele uJoseefa.

**25-27** Uthé uma esebuyile ekhaya uJosefa, basondela nezipho zabo, bamkhothamela. Wababuza impilo. “Uyihlo ke yena lona enanikhulumangaye unjani?” ezibuzisa. “Usaphila?”

**28** “UBaba, isikhonzi sakho esizithobile, usatototoba. Cha, asikhali ngalutho!” Basho bephinda bemkhothamela baze babhuquze phambi kwakhe.

**29** Usedlulisela amehlo kuBhenjamini, umnawabo ayemthanda kakhulu, ezibuzisa ethi: “Nguye ke lo umfowenu enanikhuluma ngaye?” esho ephendukela kuye uBhenjamini, ethi: “Inkosi ikubusise, mfana wami!”

**30-31** Kwakungelula ukuzibamba; wazama nokno. Kwakuthuthumela wonke umzimba. Uthé ezwa, wayefikeelwa ngezishisayo izinyembezi! Wabashiya, wasithela ekamelwanyaneni lakhe, wazidedela izinyembezi. Uthé engageza ubuso, wayeseqhamuka futhi, elokhu ezamé njalo ukuziqinisa. Watshela izisebenzi ukuthi sezingakungenisa keukudla.

**32** UJosefa wayedla kwelakhe nje ke yedwa itafula, abanewabo nabo kwelabo, bese kuthi kwelesithathtu kudlela abaGibhithe ayebamemile. Phela abaGibhithe abadli tabula linye namaHebheru; bengena ukuthi lokho kungabehlisa isithunzi, kubalethele namashwa.

**33** Itafula likaJosefa nelabaneewabo ayemi elinganisene; behleli ngokwelamana. Kwabamangaza lokho.

**34** Sekudliwa, uJosefa wathi abaphakelwe kukho khona lokhu okulethelwe yena. UBhenjamini ke yena wathola okuphindwé kahlanu ukwedlula okwabanewabo. Kwadliwa, kwaphuzwa, kwabuswa, kwakuhle kwanjeya!

## Isahluko samashumi amane nane

44

### UJosefa uvivinya abanewabo

**1-2** Kuthé sebephumile abanewabo, sebeyozilungiselela ukulala, uJosefa wathuma isisebenzi sakhe, wathi: „Bagqishele amasaka abo uwagcwalise ngempuphu nangokolweni omningi kangangoba kukwazeka, bese kuthi kulelo nalelo saka uthukuze futhi imali abebekhokhé ngayo ngaphambi kokuba uvale. Emthwalweni waló omncance ushutteke le nkomishi yami yakwanokusho -uyayazi ke wena!”

Senza njengoba sitsheliwe isisebenzi.

**3** Ngakusasa ukusa kwaziwa yibo abanewabo bakaJosefa; bangena indlela sebebheké ekhaya, bethwele besikizela nezimbongolo zabo. Bengakaqheli nakangakanani, uJosefa wabalandelisa ngenceku yakhe.

**4-6** Yathi uma ibafica, yagibela yazelehla, ithetha: „Mkhuba muni lo eniwenzayo, nithi nenzelwe umusa, naphathwa kahle, bese nibonga ngobubi? Seniyebelani phala inkomishi kabasi wami ayithanda kangaka; okuthi uma ezobhula, aphuze ngayo? Nineziga bo! Sibi impela lesi senzo senu!”

**7** Dlengelele!

“Yinhlamba phela leyo, mfowethu; akusifikeli nasephusheni thina ukuthi singaké silokothe sebe! **8** Nale mali esayithola emithwalweni yethu, sabuye sasuka nayo lé kwelakithi, sayibuyisa. Into yokwebiwa nje asizwani mpela mpela nayo! Khona sesingamasela ke, sesingaze siyonyela isihlahla, sintshontshele ubasi wakho esiphathé ngomusa ongaka? **9** Cinga ke uma uthanda; usiseshe ngamunye ngamunye. Oyothola kuye leyo nkoxa othi siyintshontshile, mnqume, afe khona lapho; usiqhube sonke, sibe yizigqili zakho!”

**10** “Sizoké sibone ke phela” kusho inceku yomnawabo. “Ngiyobadedela bonke abanye, baqhubeke nohambo. Lo engiyoyithola kuye le nkomishi engiyicingayo, wafa yimi! Ngiyombamba, angabe esahamba; asale lapha, abe yisigqili sami!”

**11-12** Kwaba ububhudubhudu bephangelana ngokwethula imithwalo ezimbongolweni, beyiqhaqha. Yaqala komdala inceku, yeza ngokwelamana kwabo, ihlola, icinga, iseshishisa; kuBhenjamini, uthumbu, yagcina ikutholile eyayikufuna!

**13** Bathukuthela bathelwa ngamanzi abanewabo; ababekwembethé bakuklebhuklebhula nje ngenxa yokuthukuthela! Lwaqala phansi ke olunye utavatiya: Babopha imithwalo, beyethwesa izimbongolo futhi. Bazishaya, zaphenduka. Kwaphindelwa emuva ke manje!

**14** Bafika kuJosefa akuselulaka, usevutha amalangabi! Basho phansi ngedolo; ashweleze uJuda, akhase angaqedi.

**15** „Niluthwa yini kodwa?” kubuza uJosefa, ebahleka usulu. „Mhlawumbe benicabanga ukuthi ningangiphamba nje ngingaboni! Nashaya phansi kwashunq`uthuli ke!”

**16** Awu, Mnumzane, sizothini?” kuzibalisela uJuda. „UNkulunkulu usesivezé obala, wasidalula isenzo sethu sobubi; singesiphike. Sesiyizigqili zakho sonke manje njengaló okutholwé kuye inkomishi yomnumzane.”

**17** „Cha ke” kuphendula uJosefa, „angizukuthi ´zifa ngamvu nye´, ngikhiphele kini nonke isibhongo, nginijezisele icala loyedwa! Qhubekani nohambo lwenu nina banye; yilona okutholakalé kuye inkomishi yami ozosala, abe yisigqili sami. Kuphela nje!”

**18** „Nkosi!“ kuncenga uJuda, ebalisa ephindelela. “Ngivumele, Baba, kengibeke amazwana nje abe mabili noma ngingelutho nje: Umkhulu, Baba, ulingana noFaro. Unganyukubali nokho uma ngilokotha ngicela indlebe yakho. **19-20** Ekufikeni kwethu kokuqala wabuza uphindelela, Baba, ukuthi singobani, siqhamukaphi; saphendula ngokweqiniso, sathi: Ekhaya sishiyé ikhehla elisizalazo, seligugile, kanye nothumbu otholakelé zolo lokhu, abazali sebekhulile. Unina wayeyintandokazi kuBaba; lo thumbu yena welama omunye osewashona. Yingakho uBaba engathandi nje asuke eduze kwakhe. **21** Wasinxusa ke kodwa, Baba, wathi asimlande, uzombona. **22** Saphawula nokho kulokho, sathi: Angafa fi uBaba uma singake sihlongoze nje nakanye ukuthatha uhambo olungaka nalo mfana, yena asale yedwa sonke isikhathi lesi! **23** UMnumzane ke yena kodwa wema nje kwelithi: `Ningaphindi nilugcobhe lapha ningamphethe! **24** Efukikeni kwethu ekhaya, sambikela ke uBaba. **25-26** Kuthé ekuhambeni kwesikhathi esefuna futhi ukuphinda asithume lapha, sema ngentaba, simkhumbuza sithi: `Phinde, Baba. Ngaphandle kukaBhenjamini asiyi nje lapho. UmGibhithe lowo ingani wayeshó wagcizelela wathi singezi singamphethe? **27-28** Wathi ke uBaba, inceku yakho, Nkosi, eyethembekileyo, wathi: `Niyazi nje ukuthi intandokazi yami yayingiphé amadodana amabili? Enye yawo ayisekho. Angiyazi ukuthi yashonaphi kuze kube namuhla lokhu. Noma yagunywa yizilwane zasendle, angazi. **29** Manje senifuna ukungephuca nalena esele? Ngigugile manje. Uma evelelwa okuthile endleleni, sekuyoba ukufa kwami ke lokho! `Yakhuluma kanjalo ke inceku yakho, Nkosi, uBaba. **30-31** Uma ke manje singaké sithi siyaphindela kuye ekhaya, sibuye singamphethe lo mfana amkhonzé kangaka, uyomane aquleke nje, afe khona lapho! Siyoshonaphi ke thina nangonembeza uma simbona efa ebalisa? **32** Angiyiphathi nje ke eyami: Ngahamba ngimethembisilie uBaba ukuthi icala lonke liyoba kimi uma ngingambuyisi ephephile umfana lo. **33** Ngivumele, Nkosi, ukuthi kube yimi osala lapha, ngibe yisigqili sakho; ahambe yena, aphindele nabanye ekhaya. **34** Ngeke ngilokotho nje ngilunguze ekhaya ngingezi naye! Ngingelokotho ngilethele uBaba usizi olungako!”

## Isahluko samashumi amane nesihlanu

45

## Wagicina ezivezile uJosefa kubanewabo

**1** Wabathé uyazibamba uJosefa, kwala manje; wagicina ehlulekile. Usetshela bonke ayenabo ukuthi abaphume, ukuze asale nalezi zivakashi; nebala baphuma bonke abaGibhithe ababelapho, wasala nabafowabo.

**2-3** Zathululeka izinyembezi! Wampongolozua, ekhala, kwezwa wonke owayeseduze: “NginguJosefa mina! Nisangibona nje!” ...“Unjani uBaba? Usaphila?”

Bamqhunsulela amehlo nje abafowabo, abaphuma nazwi ngenxa yokumangala.

**4** Wabasondeza kuye, ephindelela, ethi: “Ngingumnáwenu uJosefa enathengisa ngaye kwelaseGibhithe. **5-8** Ningesabi, anginibambelé gqubu ngalokho. Yimisebenzi kaSmakade leyo. Nguye owangithumela ngendlela efihlekileyo kuleli laseGibhithe; wangithuma phambili, ukuze nithi niqambe nifika, ngibe senginilahlele indlela, nganilahlelela isikhundla sokufihla ikhanda. Yiso lakhe lelo lokwakha ngami isiphephelo kuleli ukuze izizukulwane zenu zigcine zikhululekile<sup>38</sup>. Akunina, nguNkulunkulu owangiletha kuleli. Wangihambela phambili, wangihlelela ukuthi ngigcine sengiyiphini IikaFaro, kube yimina engilawulayo emagcekeni akwakhe nengiphethe wonke umbuso wakhe lo.

**9-10** “Phuthumani niyobikela uBaba, nithi: `Indodana yakho uJosefa ithi: USmakade ungethwesé amandla okuphatha wonke umbuso waseGibhithe. Ungabe usachitha sikhathi; woza neno! Woza nabantwabakho bonke, nabazukulu, nemfuyo yakho yonke, izimvu, izimbuzi nezinkomo. Uyofike ungenise esifundeni saseGosheni, wakhe uzinze maduzane nalapho ngakhé khona. Indlala lena ehlasela, ayikazukukhawuka; isazobé ibhokile nje cishe iminyaka emihlanu. **11** Ngiyonondla ke mina ngininakekele ukuze ningalokhothi nihlupheke. Kwanina niyazibonela, Bafowethu!” kuqhubeka yena uJosefa belu. **12-13** “Niyazibonela ukuthi yimi lona engikhuluma nani. Usangibona nje, Bhenjamini, mfowethu? Nimxoxele konke uBaba enikubonileyo! Nimxoxele ukuthi nginesikhundla esihle kanjani kuleli. Nimlethe, nischehe bo!”

**14-15** Wasondela kumfowabo uBhenjamin, wamwola wamqamelisa esifubeni sakhe, babambana izibhodongo yinjabulo, kwehla izinyembezi. Baqala ke nabo abanewabo ukusombuluka; úthé ubezwa base bemkhulumisa, bephendulana naye.

**16-18** Wathokoza noFaro nabahlonishwa bonke ababembungile ekuzweni kwabo ukuthi uJosefa ufikelwé ngabafowabo. Wabiza uJosefa uFaro, wathi kuye: “Tshela abafowenu babophele, baqonde eKhenani, bayolanda uyihlo nomndeni wonke, babalethe lapha. Bafike bangenise kwanomnotho amanxiwa kuleli, bazakhele ngokubona, badle basuthe. **19** Banike izingqola ukuze uyihlo angakhandleki luhambo. **20** OkwasenIdini bangakhathazeki ngakho; bakuyeke kusale khona le. Bayofica sibalindele ngokwakwanokusho ngapha!”

**21** Benza njengokusho kukaFaro. UJosefa wabanika izingqola nomphako owanele. **22** Yilowo nalowo wamembulela esihle isevatho lesi; uBhenjamini ke yena wathola zanhlanu waze wethayiselelwa ngemali engamakhulu amathathu osheleni besiliva. **23** Uyise wamphathisela izimbongolokazi ezilishumi zithwele zisikizela amagugu angaqedwa aseGibhithe neminyuzi eyishumi ilayishé impuphu nòkolweni bezinkwa nokuningi okudliwayo. **24** Wavalelisa kubafowabo, bahamba. “Ngingezwa ke sekuthiwa senisuké naxabana lapha endleleni”, kusho yena belu eyalezisisa.

**25-26** Bayikhininda ke indaba abafowabo ekufikeni kwabo kuyise kwelaseKhenani: “UJosefa uyaphila! Uyisiphathi mandla lonke iGibhithe jikelele!”

Kwakungathi akezwisisi kahle uyise; wabagqolozela engakholwa sampela.

<sup>38</sup> *Gen 45,7: Umandi wale ngxoxo usethinta phambili esenzakalweni esisezayo sokukhululwa kwabakwalzrayeli ebugqilini eGibhithe okuxoxwa ngakho kuEksodusi 1 - 15.*

**27** Laze layoshona belokhu beyizekile emnandi kakhulu. Bamethulela imikhonzo. Bamkhombisa nezinqola aphathiselwé zona.

**28** Welulama uJakobe; ubuso bakhe baqala ukukhombisa injabulo. “Nayixoxa ke, Bafana!”, esho ebambelela ngensika, ezama ukusukuma. “Umntanami usaphila? Sengiyofa ngidelile! Asihambe, ngiyombona!”

## Isahluko samashumi amane nesithupha

46

### UJakobe nomndeni wonke bathuthela kwelaseGibhithe

**1**Waluthatha ke uJakobe uhambo olubheké eGibhithe; wakhukhula konke ayenakho. Kuthé esengaseBhershebha, wenzelauNkulunkulu kayise uYisaka umnikelo.

**2**Ngalobo busuku wezwa izwi likaNkulunkulunkulu limmemeza lithi: „Jakobe! We Jakobe!” Wasabela.

**3-4**Wayesethi ke uNkulunkulu kuye: „NginguNkulunkulu kayihlo. Qhubeka nje, ungenqeni ukuthuthela kwelaseBighithe. Inzalo yakho ngiyoyandisa ngiyikhuphule kulelo, ibe ngesikhulu isizwe lesi. Nigiyakuphelekezela. Ngiyoze ngibuye nawe futhi. Kuyothi nma ke usugciné ufiicwé ukufa, kube nguJosefa oyokuvala amehlo.”

**5-7**Kwasa baqhubeka ke nohambo, bayishiya iBhersheba. Amadodana akhe amkhweza enqoleni, nabantwana nabesimame abakweza kwezabo ukuze bangakhnadleki kakhulu uhambo, njengoba phela uFaro ayelayezile. Yibo labaya baze bathi nqe eGibhithe nayo yonke imfuyo nomnotho ababbewuzuzé kwelaseKhenanai - umndeni wonke kaJakobe, amadodana namadodakazi nabazukulu.

... ..

## Isahluko samashumi amane nesikhombisa

47

**1**Wanikela kuFaro uJosefa, wambikela wathi: „UBaba nabafowethu sebefikile. Imfuyo yabo yonke nakho knoke abasuké nakho eKhenani bakuphethe. Bangenisé esifundeni saseGosheni.”

**2**Kubanewabo uJosefa wayekhethé bababahlanu ayezobethula kuFaro.

**3-4**“Msebenzi muni nina eniwezayo?” kubuzua uFaro. “Singabelusi bezimvu, wena wakomkhulu; okhokho bethu nabo babengabelusi. Besingathokozua kakhulu uma iNkosi ingasivumela siqube owesikhashana kuleli laseGibhithe ngoba imfuyo yehtu ayisenamadlelo kwelaseKhenani; lomisili izulu, kuhlunga udwani lodwa nje. Sivumele, wena weNdlovu, sigobe idolu laphaya ngaseGosheni!”

**5-6**Waphendukela kuJosefa uFaro, wathi: “Waze wagcina efikilé ke uyihlo nabafowenu! Uyazi nawe ukuthi ungabadabulela isiza laphouthanda khona; eGosheni kuhle kakhulu. Bahlalise khona. Uma kubanewenu kukhona obabona befanele, bajube babe yizinduna zabelusi zemihlambi yami.”

**7**UJosefa weaz noyise kuFaro, ezomkhombisa. UJakobe wambingelela ngesibusiso uFaro. **8-9**Uthé uma uFaro embuza iminyaka yakhe yobudala, uJosefa waphendula wathi: „Iyikhulu namashumi amathathu iminyaka esengiyihlanganisile ngingumhambuma kulo mhlaba. Kupmiloni nyao leyo egcwele jubunzima nezinhlopheko! Imfisha nokubamfishan; ingefike kweyokhokho ngobude, noma ke nabbo babbezihluphekela nje beyimihambima njengami!” **10**Wavalelisa ngesibusiso jfuthi kuFaro.

**11**Njengokusho kukaFaro uJosefa wabadabulela iziza esifundeni saseRamsese, kwelingafelwa nkonyane. Bahlwanyela ezivandeni, baklaya amasimu, basika amadlelo kwanjeya! **12**Wabanakekela impela nje uJosefa; wabhekisisa njalo nokuthi nabo bayasithola isabelo sezinkwa ngokungangesibalo sabo.

## Isahluko samashumi amane nesikhombisa

**47**

### UJakobe nesiphetho sakhe

**29-30** Kuthé esezizwa ebuthaka uJakobe, wathumela kwabizwa uJosefa, wathi kuye: “Lalela lapha ke, Ndodana: Kuyothi ke uma sekugciné kwangenela ukufa, ungisize ungalokothi ungingcwabe kuleli. Ngethembise nje ke lokho. Ngiyongcwatshwa eKhenani mina, ethuneni lawokhokho! Uyongithatha uyongibeka khona!”

Waphendula wathi uJosefa: “Ngiyokwenza njengokwesifiso sakho, Baba!”

**31** “Funga!” Wafunga uJosefa.

## Isahluko samashumi amane nesishiyagalolunye

49

*Amadodana akhe onke wawabiza, aqoqana kuye, wawabusisa ngayinye ngayinye. Esiqondiswé kuJuda isibusiso sisemqoka kakhulu nokho ngoba esiqwini sakhe kuthiwa kuyovela iNkosiuDavide kuhambe kuhambe kuze kukhulunywe nge-“Ndodana kaDavide” uKhristu.*

**8** UJakobe umbusisa uthi ke uJuda:

“Bayokudumisa abafowenu, Juda!

Okuyizitha zakho uyokubamba ngesidlozana;  
ukhonthanyelwe nangamadodana kayihlo.

**9** Uyibhongo lengonyama, Juda!

Ufuzé ingonyama igodle inyamazane.

Ngubani ongalokotha akuthikazise lapho?

**10** Enzalweni yakho kuyovela amakhosi elandelana

kuze kufike enkosini yamakhosi eyobe ijutshwé nguSmakade uqobo  
eyokhothanyelwa yizizwe zonke.

**11** Izivini zakho kuyoba ngodadawane abangaqedwa;

nezimbongolo zizidlele zize zinengwe,

iwayini kube ngamanzi okuphala izikhumba!

**12** Uyoba namehlo aphapheme, enziwa yiwayini;

namazinyo amhlophe amahle, enziwa lubisi!” ... ..

**28** Wavalelisa kanjalo ke uJakobe emadodaneni akhe; naleyo naleyo wayinika isibusiso sayo. **29-32** Wagcizelela ke futhi wathi: “Mina ke ningingcwabe eKhenani, lapho okhokho belele khona; emhumeni osesitendeni sakwaMakopela phambidlanyana nje kwase Mamre. Lesi stende phela esasithengwé nguAbraham, esithenga kuEfroni, umHethi, esithengela khona ukuthi abozalo bangcwatshwe khona. Obaba nobabamkhulu baphelele laphaya bonke; noLeya ngambeka khona.”

**33** Ukhuluma konke lokhu nje, uhlezi. Uthé engaqeda, wayesecambalala. Kwaba ùkuhamba kwakhe lokho.

## Isahluko samashumi amahlanu

50

Unya nobubi wabuguqula uSmakade, waveza ubuhle nenhlanhla

**15** Uthé engafa uyise, baqala ke manje abanewabo bakaJosefa ukuba mehlawana, benqena ukuthi uJosefa usezokhipha isibhongo, aziphindisele kulobu bubu ababemenzé bona. “Mhlawumbe usasibambe igqubu nanamuhla lokhu!”, besho befunisela bezindla.

**16-17** Sebesondela kuye ke bemncenga, bethi: “Ubaba wasiyala ngaphambi kokuba asishiye, wathi: `Zishwelezeleni kuJosefa, nimncenge, anganijezisi kulokhu enamenza kohna! `Silapha nje manje; siyakucela: Xola, Mfowethu! Siyashweleza, siyazincengela egameni likaSmakade uNkulunkulu kayihlo nathi esimkhonzayo!” Zehla izinyembezi nakuJosefa!

**18** Bamkhothamela baze bazibhuqabhuqa othulini, bethi: “Siyazinikela: Sesiyizigqili zakho!”

**19-21** UJosefa waphendula wathi: “Ningesabi, Bafowethu! Ngeke ngisiguqule isinqumo sikaNkulunkulu. Kuyiqiniso ukuthi nangezela unya nobubi obuphindiwe, nisophé ungenza isilo sengubo; kodwa uSmakade wakunqanda konke lokho, wakuguqula, waveza ubuhle nenhlanhla ngoba ehlosé ukuhlenga impilo yabani ngalokho. Ningesabi ke, Bakwethu. Ngiyoqhubeka nginondle, ngininakekele - nina nabantwabenu.” Wabaduduza, wabamisa idolo.

**22-23** Wahlala nabo ke eGibhithe uJosefa bonke abomndeni wakwabo. Wakhula waze wahlanganisa owekhulu neshumi, wagona abazukulu babantwabakhe<sup>39</sup>. Abazukulu bendodana yakhe uEfrayim namadodana omzukululu wakhe uMakhri, indodana kaManase, azalwa nje usadla amabele!

**24** Kuthé ke naye esebona ukuthi amandla aya ngokufinyela, wanxusa abafowabo, wathi: “Sengizonishiya mina. UNkulunkulu yena akasoze anilibala. Uyoba nani njalo aze anibuyisele niphephile ezweni alethembisa okhokho benu oAbraham, noYisaka noJakobe. Amathambo ami seniyowaqoqa ke nihambe nawo.”

**26** Bamethembisa lokho abafowabo. Washona. Isidumbu sakhe sagqunywa ngamakhambi avikela ukonakala, salaliswa ebhoksini khona lapho kwelaseGibhithe.

---

<sup>39</sup> Gen 50,23: UJosefa ugona abantwana bakaManase ngokwesiko lokukhombisa ukubemukela njengabakhe. (Qhathanisa: 30,3).

## Iviyo lezikhuthali

emzanweni wokuhunyushwa nokubhalwa kwabusha kwebhaybheli ngesiZulu elaziwa ngelithi yi-“biblia 2000”

- ° selokhu lawuqala ngo-1996 lo msebenzi.
- ° lizisuselwa phansi *luthando* nje lolwimi lwesiZulu.
- ° liqhutshwa *yintshisekelo* yokutholisisa kahle, lethekelele uZulu ulwazi, umlando, nemizekeliso equkethwe yibhaybheli.
- ° liholwa *yisifiso* sokukhuthaza nokuxhasa imizamo yobudlelwano nokwazisana emhlabeni, kudunyiswe oPhezukonke.

## Iviyo lezikhuthali

- ° lisebenza ngokuzinikela nangobambiswano.
- ° lemukela imibono nezeluleko, libambisane nawo wonke osondelana nalo.

## Iviyo lezikhuthali

- ° linamalungu alishumi nanhlanu aqhamuka emabandleni ehlukene.
- ° lethembele emikhulekweni nasezelulekweni ukuze ufezeke umgomo wokuwuphetha, siwukhiphe masinyane umqulu “**iBhaybheli ngesiZulu**”.

Dr. Ben Khumalo-Seegelken  
 Convenor: “biblia zuluensis”  
 P.O. Box 81  
 eMondlo  
 3105

Tel/Fax: 0(949)-4487-75 02 85  
 eMail: [Khumalo-Seegelken@t-online.de](mailto:Khumalo-Seegelken@t-online.de)